## Ukufunda ngomthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996)

Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinkantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthethosisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

| Masiyazi imvelaphi yethu. | Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule. | Umthethosisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke. |
|---|---|---|

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –

Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula;

Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlaba wethu;

Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu;

Futhi sikholelwa ekuthini iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.

Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhethe ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-ngqangi wezwe lethu, ukuze—

Silungise ukwehlukana kwesikhathi esedlule bese sakha umphakathi owesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;

Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;

Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi-

Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

| Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzimisele ukuvikela amalungelo abanye. | Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidinga ukwenziwa. |
|---|---|

*Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.*
*Nkosi Sikelel' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.*
*God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.*
*Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.*

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-0084-0

ISIZULU HOME LANGUAGE
GRADE 4 – BOOK 2
TERMS 3 & 4
ISBN 978-1-4315-0084-0
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
14th Edition

*Workbooks available in this series:*


- *Grade R (in all official Languages);*
- *Literacy/Home Language Grades 1 to 6 (in all 11 official Languages);*
- *Mathematics Grades 1 to 3 (in all 11 official Languages);*
- *Mathematics Grades 4 to 9 (in Afrikaans and English);*
- *Life Skills Grades 1 to 3 (in all 11 official Languages); and*
- *Grades 1 to 6 English First Additional Language.*

UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU – Ibanga lesi-4 Incwadi yesi-2

ISBN 978-1-4315-0084-0

Ibuyekeziwe – Ihambisana ne-CAPS

Ibanga lesi-4



Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU

Incwadi yesi-2
Ithemu 3 & 4



UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# Ukubhala



## Zilungiselele

**Khetha isihloko.**
**Xoxa neqembu lakho niqoqe imibono.**
**Sebenzisa ibalazwe lemibono ukucacisa okubhale ngesakhiwo, ngabalingiswa kanye nangesizinda.**

## Ukuqqakaza

**Bhala uhlaka lokuqala.**
**Khumbula isakhiwo kanye nesigatshana ngasinye.**

## Buyekeza

**Funda uhlaka lokugqakazile ngokucophelela bese ucela imibono kubangane ofunda nabo kanye nakuthisha.**

## Lungisa amaphutha

**Lungisa isipelingi ulungise nezimpawu zokubhala.**
**Konke lokhu kulungise ohlakeni.**

## Shicilela umsebenzi wakho

**Bhala umsebenzi ephepheni elihle lokugcina uma eselungisiwe amaphutha.**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Fourteenth edition 2024

ISBN 978-1-4315-0084-0

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**

# INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Le Ncwadi Yokusebenzela idinga ukusetshenziswa ndawonye nezinye onazo. Uma wenza ulimi, thola olunye ulwazi kuCAPS.

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, le Ncwadi Yokusebenzela ihlelwe yalungiselwa ukuthi ihlumelelise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kuhlukmeleliseke ikhono lokuxhumana empilweni yomfundi, kanye nolwazi lokufunda ezifundweni zakhe. Sethemba ukuthi izoba lusizo le ncwadi ekuthuthukiseni amakhono abafundi.

Le ncwadi ilungiswe yalandela uhlelo lwamasonto amabili ulubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, bekhasi 103, kuyo le Ncwadi Yokusebenzela, uzothola amazwi acacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Iqoqo ngalinye lala masonto angamabili iqukethe lokhu okulandelayo:



Masikhulume

**1 Ukulalela nokukhuluma – amahora amabili emasontweni amabili**

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalonjalo lokukhulisa ikhono Lokulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkiinga, bethule nemibono. Le Ncwadi Yokusebenzela inemisebenzi embalwa yokwenziwa ongayandisa ukuqiniseka ukuthi abafundi balithola njalo ithuba lokhukhuluma.




Masifunde

**2 Ukufunda nokubona – amahora ama-5 emasontweni amabili**

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kula masonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, izincwadi zokubhalelana, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izingxoxo zasemisakazweni, izinkondlo, ama-eseyi ancengayo, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kwenziwe ngezinsizakubona: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, amabalazwe emibono, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu. Kule ncwadi uzothola izihlobonhlobo zalokhu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele uhlelo lokufunda lubheke okwenzeka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa kanye nasemva kokufunda. Kukhona incazelo ephelele 'ngokufunda' ngaphakathi ekhaveni yale Ncwadi Yokusebenzela.



Masibhale

**3 Ukubhala Nokwethula – amahora ama-4 emasontweni amabili**

I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amaningi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlelwa kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene. Ekhaveni yangemuva ngaphakathi kule Ncwadi Yokusebenzela uzothola incazelo ephelele 'yokubhala'.




Masibhale

ULIMI

**4 Ukwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo – amahora ama-5 emasontweni amabili**

I-CAPS inohla lweminininingwane Yokwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo (izinto) okumele zenziwe ebangeni ngalinye. LeNcwadi Yokusebenzela inemisebenzi yokwenziwa ebhekiswe ngqo kulokhu ebekelwe iqoqo lamasonto amabili. Ngokujwayelekile lemisebenzi yokwenziwa ihambisana 'nokunanyathiselwe' okunencazelo imigomo yolimi.




Thola omunye umhlahlandlela obizwa ngokuthi Incwadi Yokuqeqesha.

ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 2 2019/07/21 21:42:15

Okuqukethwe

# Indikimba 5: Lokho esikuzwayo nesikwenzayo

Ithemu 3: Amasonto 1 - 4


## Ithemu 3: Amasonto 1 – 2
## Abantu abanakekelayo

**65 Umdlwane omusha kaMary Ann** 2
Ingxoxo nokubikezela okususelwa esithombeni.
Ufunda indaba.

**66 Ukucabanga ngendaba** 4
Uxoxa ngendaba eseqenjini.
Ubhala isiphetho sendaba.
Uphendula imibuzo esuselwa endabeni.
Ubhala okungena kudayari.

**67 Ukukhetha umdlwane** 6
Ufunda isiphetho sendaba.
Ukhomba okwenziwayo okuchazwa yizandiso ezisendabeni.
Ubhala imisho enezandiso.

**68 Ukugcina idarayi** 8
Uhlela ukubhala okuzongena kudayari ngokugcwalisa ibalazwe lemibono.
Ubhala okungena kudayari.

**69 Inja elahlekile** 10
Wakha iphosta yenja elahlekile.
Uhlola iphosta yomngani wakhe esebenzisa amaphuzu awanikiwe.
Usebenzisa isandiso ukwenza imisho.

**70 Umusho ombaxa** 12
Ukhomba izenzo emshweni, oqondile.
Uxhuma imisho eqondile ukwakha ombaxa.
Wehlukanisa imisho embaxa ibe ngeqondile.
Usebenzisa amabinzana esenzo esikhundleni samazwi akubakaki.
Ufaka amabinzana esenzo afanele emishweni.

**71 Ufunda idayari** 14
Ufunda okubili okufakwe kudayari.

**72 Ukuzibhalela eyakho idayari** 16
Uphendula imibuzo esuselwa kokufakwe kudarayi.
Uzibhalela okwakhe kudayari izinsuku ezintathu.

## Ithemu 3: Amasonto 3 – 4
## Ukufundela ukuthola ulwazi

**73 Isikhathi sokubuka isikrini** 18
Ufunda ulwazi olutholakala kuphamfulethi.
Uxoxa ngemibuzo esuselwa kuphamfulethi.

**74 Iphamfulethi** 20
Uphendula imibuzo esuselwa kuphamfulethi.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Wakha iphosta ukukhuthaza izingane ukwenza imisebenzi yazo ngaphandle kokubukana neTV.
Uhumusha ibha-shadi.
Wenza uhlu lwezinto eziyingozi ngokubukela ithelevishini ngokweqile.

**75 Lapho izinto zikhona** 22
Ufunda indaba yezithombe.
Ufaka isakhi sesandiso noma igama elifanele esithombeni ngasinye.
Ubhala umusho waleso naleso sithombe esebenzisa izandiso.
Udweba izithombe ukufanekisa izifaniso, izingathekiso nefanamsindo.

**76 Konke ngokuhlukumezana kwezingane** 24
Ufunda indaba enolwazi ngokuhlukumeza.
Uxoxa ngemibuzo ngokuhlukumeza.

**77 Ukucabanga ngokuhlukumezana** 26
Uphendula imibuzo ngephamfulethi ngokuhlukumeza.
Wakha uphawu lokuqeda ukuhlukumeza.
Usebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.

**78 Inkathi eyedlule nezayo eqhubekayo** 28
Udlala umdlalo esebenzisa inkathi eyedlule nezayo eziqhubekayo.

**79 Ukwenza iphamfulethi** 30
Usebenzisa okokuhlela ukuzakhela iphamfulethi.
Usika agoqe ikhasi ukwenza iphamfulethi.
Usebenzisa okokuhlela ukuqedela ngobunono iphamfulethi.








ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 1 2019/07/21 21:42:17

# Umdlwane omusha kaMary Ann





Masikhulume

Buka izithombe bese utshela umngani wakho ukuthi ucabanga ukuthi iphathelene nani le ndaba.

Uma ucabanga ngobani abalingiswa kule ndaba?

Babukeka bebadala kangakanani?





Masifunde


Funda indaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Inyanga yayikhanya bha. Kwakungemva nje kwamabili ngoLwesihlanu, uMary Ann elokhu ebhekile esembhedeni wakhe. Wayecabanga ngomdlwane ayezowuthenga lapho sebehambisana noNomsa ukuya emphemeni wezilwane ngakusasa ekuseni. UMary Ann nguyena kuphela intombazana eyayingenasilwane ekilasini labo ngoba abakubo babelokhu bahlala efulethini. Lapho umndeni wakubo usuthuthela endlini ezimele, uMary Ann waqala ukonga imali ukuze athenge umdlwane. Wayesenama-R25 ayezokhokhela ngawo umdlwane.

Kuthe sekusile, uMary Ann wagxuma wavuka embhedeni wakhe. Wageza, wagqoka wayeselinda umngani wakhe uNomsa **ngexhala**. UNomsa wayezomvakashela. Wayethembise ukuthi uzofika bahambe noMary Ann baye emphemeni wezilwane basizane ekukhetheni umdlwane lowo.

Ekugcineni lafika ibhasi likaNomsa. Wehla ebhasini wangena **ngokushesha** ngesango



ZULU HomeL Gr1 B2 THS.indd 2 2019/07/21 21:42:18




kubo kaMary Ann, wabingelela umndeni kaMary Ann **ngokwenama**. Bobabili bahamba **ngomdlandla** bephikelele emphemeni wezilwane. Bobabili babethathekile behleka **kakhulu** ngenkathi behambisana. Bawela umgwaqo emarobhothini **ngokunakekela** baze bafika emphemeni.

UMary Ann wayesekhathele, wahlala phezu kwenqwaba yokudla kwezinja ukuze aphumule. Wabona imidlwane eyisithupha ilele zwi kubhasikidi. Amantombazana agoba aphulula imidlwane nje engasazi ukuthi azokhetha muphi.

“Yebo-ke zintokazi, nifuna ukuthenga umdlwane?” kubuza umenenja.

“Yebo, ngiyilondolozile imali engayithola ngosuku lwami lokuzalwa, nengayithola ngokusiza umama ngokuwasha izitsha,” kusho yena. Amehlo akhe ayeqhakaze intokozo.

“Lona kuzoba umdlwane wami wokuqala,” etshela umenenja **ngokwesasa**.

“Hhayi-ke, ake nginitshele okuthile ngemidlwane,” kusho umenenja. “Imidlwane efakwe amabhande asentanyeni anemibala ebomvu, eluhlaza satshani, nephuzi isithengiwe. Kusho ukuthi seningakhetha emidlwaneni emibili kuphela. Nizokhetha phakathi komdlwane onebhande eliphinki noneliluhlaza sasibhakabhaka.

“Hawu!,” kusho uMary Ann. “Unjani-ke umdlwane onebhande elibukhwebezana? Usuthengiwe?”

“O, lowo mdlwane!” kuphendula umenenja. “Ngeke nawuthenga lowo,” kusho yena.” Wazalwa unenqulu elimele, ngakho ngeke ukwazi ukugijima nokudlala ngebhola.”

Amehlo kaMary Ann ayelokhu ehlola izilwane ezisemakhejini. Wabheka izinja ezinoboya obumhlophe, ezincane ezinsundu, ezinkulu, ezinomusa, eziphuzi, wabona namakati nabantwana bawo.



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 3 2019/07/21 21:42:19

# 66 Ukucabanga ngendaba



Masikhulume

Eqenjini lakho khulumani ngosekwenzeke endabeni kuze kube manje. Yimuphi umdlwane azowuthenga?

Wena ubuzokwenzani ukuba ubunguMary Ann?

Uma ucabanga indaba izophela kanjani?





Masibhale

Bhala isigaba ngokuthi ucabanga ukuthi indaba izophela kanjani.



Funda indaba futhi bese uphendula imibuzo.

Yimiphi imisho endabeni esitshela ukuthi uMary Ann wayejabule ngokuthola umdlwane? Ithole uyikopishele lapha.

Yini eyenza ukuba uMary Ann kube nguye kuphela ekilasini ongenamdlwane?

Sazi kanjani ukuthi uMary Ann noNomsa bangabangani abakhulu?

Indaba isitshela ukuthi uMary Ann wayesekhathele ngenkathi amantombazana efika emphemeni. Uma ucabanga wayekhathazwe yini?






ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 4 2019/07/21 21:42:23

Usuku: ______________

Yini eyenza ukuba imenenja atshele amantombazana ngokutholakala komdlwane ngamunye? Yiziphi izinja ezazisadayiswa, yiziphi ezazingasadayiswa? (Bheka imibala yamabhande asezintanyeni.)

Masibhale

| | |
|---|---|
|  | Lo mdlwane usudayisiwe. |
|  | |
|  | |
|  | |
|  | |
|  | |

Ake uzicabange unguMary Ann. Bhala kudayari uchaze ukuthi wehluleka kanjani ukulala ngobusuku obandulelayo, nokuthi wawuzizwa kanjani uma sekudingeka ukuba uthathe isinqumo ngomdlwane ozowukhetha.

Masibhale

Dayari othandekayo Usuku:



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 5 2019/07/21 21:42:35

# 67 Ukukhetha umdlwane



Masifunde

Manje-ke funda isiphetho sendaba bese uqhathanisa nesiphetho obusibhalile.



## Umdlwane omusha

UMary Ann waphulula umdlwane owawunebhande elibukhwebezana. Umdlwane waphakamisa izindlebe watshikizisa umsila, wagqolozela uMary Ann ngamehlo ansundu ancengayo. UMary Ann waqalaza ebheka ezinye izilwane esitolo lesi. Wabheka imidlwane eyisithupha eyayilele kubhasikidi.

Emva kwalokho wakhothama waphakamisa umdlwane onebhande elibukhwebezana wawubamba wawuqinisa esewugone esifubeni sakhe. Wayeyizwa inhliziyo yawo ishaya. Wona wathi ukumhogela, wacamela entanyeni yakhe, walala. Wayesethi ukuwuphulula, waphendukela kumenenja.



"Akuhluphi noma ungeke ulidlale ibhola, noma ugijime," kusho uMary Ann. Waphenya umlenze wejini yakhe ukukhombisa umenenja okwakuphase owakhe umlenze. "Nami ngazalwa nginomlenze okhubazekile," kusho yena." Nami akulula ukuba ngigijime, angikwazi ukudlala ibhola. Kodwa nginomndeni wami nabangani abaningi abangithandayo, lokho nje kuyinto enkulu kabi."

Wawuqabula kancane umdlwane. "Ngiwubona umuhle kabi," kusho yena.

Wase ebheka kuNomsa ebuza, "Ucabanga kanjani wena Nomsa?"

UNomsa wavuma ngokunqekuzisa ikhanda wase ephulula kamnandi umdlwane omncane onebhande lasentanyeni elibukhwebezana.

"Ngiyacela M'am, ngingawukhokhela lo mdlwane?" kubuza uMary Ann. "Ngifuna ukuthenga wona impela onebhande elibukhwebezana. Yiwona mdlwane engiwufunayo."

"Uzoba nekhaya elinakekelayo wena mdlwane omncane," kuhleba yena enikeza umenenja ama-R25.

Lapho uNomsa noMary Ann sebephuma esitolo, umdlwane waqala ukutshikizisa umsila ngamandla. Amantombazana amabili ahamba kancane emgwaqweni ephethe umdlwane onebhande elibukhwebezana. Wawungawezwa exoxa ngenjabulo esephikelele ekhaya nomngani omusha.



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 6 2019/07/21 21:42:37

Usuku: ____________

**Ukubheka izandiso**

**Izandiso zisinika eminye imininingwane ngesenzo. Uzokhumbula ukuthi izenzo ngamagama abhekisa kokwenzekayo.**

Izibonelo:

*UNomsa uhamba kancane.*

*Intombazana ihlabelela kakhulu.*

Lezi zandiso ezinombala oluhlaza zisitshela okuthile ngezenzo. Zisitshela ukuthi uNomsa uhamba kanjani nokuthi intombazana ihlabelela kanjani.




Bheka futhi kule ndaba ubuke **izandiso** ezigqanyiswe ngokubomvu engxenyeni yokuqala yendaba ekhasini lokusebenzela lama-65. Dwebela isenzo esichazwa yisandiso ngasinye. Manje-ke sebenzisa izandiso eziyisihlanu emishweni yakho.

| | |
|---|---|
| Ngexhala | |
| Ngokushesha | |
| Ngokwenama | |
| Ngomdlandla | |
| Kakhulu | |
| Ngokunakekela | |
| Ngokwesasa | |

Bheka emuva engxenyeni yendaba esekhasini lokusebenzela (67). Dwebela zonke izandiso eziqala ngokuthi **ngo-** noma **ka-**. Kokelezela izenzo ezizichazayo.

Ekugcineni sebenzisa izandiso eziyisihlanu ozidwebeleyo ukubhala imisho yakho.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 7 2019/07/21 21:42:38


# Ukugcina idayari






Zicabange unguMary Ann. Lungiselela ukubhala okuthile kudayari yakho uchaze okwenzeka kuwe lapho uya emphemeni wezilwane. Sebenzisa leli balazwe lemibono ukukusiza ukulungiselela lokho ozokubhala kwidayari. Khumbula ukubhala kwidayari usebenzisa inkathi eyedlule.

**Umdlane omusha kaMary Ann**



**1 Kwenzekeni ebusuku obedlule**

*Ebusuku obedlule angikwazanga ukulala ngoba …*



**2 Ukuya emphemeni wezilwane**

*Ekugcineni uNomsa wafika sahambisana ukuya emphemeni wezilwane*



**3 Ukunquma ukuthi uzokhetha yiphi iphethi**

*Nganquma ukuthenga inja efake ibhande elibukhwebezana, emva kwalokho …*



**4 Ukubuyela ekhaya**

*Ngangazi ukuthi ngithathe isinqumo esifanele …*




Manje-ke sebenzisa ibalazwe lakho lemibono ukubhala kwidayari.
Qale ukugqakaze nje okubhalayo bese ucela umngani wakho ukuba abheke ukuthi kubhaleke kahle yini. Lungisa amaphutha bese ubhala ngobunono esikhaleni ekhasini elibhekene naleli.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 8 2019/07/21 21:42:47

# Inja elahlekile






Inja kaMary Ann ilahlekile. Yakha iphosta YENJA ELAHLEKILE uyichaze ukuthi ibukeka kanjani nokuthi umniniyo angathintwa kanjani.

Dweba isithombe senja, usebenzise imibala egqamile ukudonsa amehlo abantu.





Qhathanisa iphosta yakho neyomngani wakho. Hlolani izinga lamaphosta enu nisebenzise lolu luhla lwamaphuzu.


**Siyahlola nje**

| Ngabe iphosta inakho lokhu: | | | |
|---|---|---|---|
| Isithombe senja? | | | |
| Isihloko esikhulu esizoheha amehlo abantu? | | | |
| Imininingwane efanele yokuxhumana nomniniyo? | | | |
| Ukuchaza inja ngokucacile? | | | |
| ukuchaza ukuthi inja ilahleke kuphi nini? | | | |
| Igama lenja? | | | |



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 10 2019/07/21 21:45:09

Usuku: ____________




Izandiso eziningi ezisitshela okuthile ngokwenzeka kwesenzo ziqala ngokuthi: **ka-** noma -**nga-**. Eziqala ngo-**ka-** zivame ukusebenzisa neziqu zesichasiso.



Sisebenza ngamagama

| | | |
|---|---|---|
| **kanzima** | **kalula** | **kathathu** |
| **kancane** | **kahle** | **kangcono** |
| **kaningi** | **kakhulu** | **kamnandi** |



| | | |
|---|---|---|
| **ngomusa** | **ngempela** | **ngengozi** |
| **ngokunakekela** | **ngephutha** | **ngamandla** |
| **ngokwejwayelekile** | **ngenhlanhla** | **ngokufisa** |



Masibhale

Manje sebenzisa izandiso ozithathe ematheбhuleni omabili ukwenza imisho (ibe yisishiyagalombili isiyonke).



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 11 2019/07/21 21:43:20

# Imisho embaxa






Umusho ombaxa imisho emibili enesihlanganiso ekwazi ukuzimela. Hlanganisa le misho elandelayo ngezihlanganiso ozinikiwe bese udwebela isenzo.

| | | |
|---|---|---|
| Intombazana yayihamba kancane. | Umlenze wayo wawubuhlungu. | (ngoba) |
| *Intombazana yayihamba kancane ngoba umlenze wayo wawubuhlungu.* | | |
| Wayengakwazi ukulala. | Wafunda incwadi. | (ngakho) |
| | | |
| Inja yatshikizisa umsila. | Yayijabule. | (ngoba) |
| | | |
| Sibhake ikhekhe. | Sidle ikhekhe. | (ngemva kwalokho) |
| | | |
| Ngiyawathanda ama-aphula. | Ngiyawathanda amapheya. | (futhi) |
| | | |




Hlukanisa lo musho ombaxa ube yimisho emibili.

| Umfana ubeqhuga ngoba ubelimele emlenzeni. | |
|---|---|
| *Umfana ubeqhuga.* | *Umfana ubelimele emlenzeni.* |

| U-Yvonne udle amakhekhe ayisihlanu ngoba uyintombazana ehahayo. | |
|---|---|
| | |

| Inja ibikhonkotha ngoba ibizwa umsindo. | |
|---|---|
| | |

| Ngisiza umama ukuba apheke bese ngisetha itafula. | |
|---|---|
| | |



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 12 2019/07/21 21:43:22

Usuku: ____________








**Masibhale**

Bheka amagama angezansi komusho ngamunye. Khetha igama elifanele ulibhale esikhaleni osinikiwe.

Njalo ekuseni (ngisuka ebuthongweni) *ngivuka* ngehora lesithupha nqo.

| | | |
|---|---|---|
| ngivuka | ngisukuma | ngihamba |

(Yekela ukwenza kancane) uzosala ebhasini ____________.



| | | |
|---|---|---|
| shesha | phuthuma | gijima |

Lithe uma lifika esitobhini ibhasi (sasuka kulo) ____________.



| | | |
|---|---|---|
| saphuma | sadilika | salishiya |

Gcwalisa ngezenzo ezidingekayo kule misho elandelayo.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| -sala | -thule | bophe | gqoka | ehlise |
| lalela | khanyisa | vuka | -vale | |

Ngifike ekamelweni nga- ____________ isibani sikagesi.

Angithandi uku- ____________ ekuseni kakhulu.

Uthe kimi mangi- ____________ ibhande uma ngingena emotweni.

Umama utshele uJabu ukuthi ____________ umsakazo ngoba ukhala kakhulu.

Angikwazanga uku- ____________ umsakazo, angazizwa izindaba.

Ngi- ____________ nomntwana ngenkathi umama engekho.

Uthisha usicele ukuthi si- ____________ singabangi umsindo.

Uma ngifika ekhaya ngizo- ____________ umfaniswano wami.

Ngicela u- ____________ umpompi ukuze kungamosheki amanzi.



KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 13 2019/07/21 21:43:31

71

# Ufunda idayari





Funda idayari elandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo. Dwebela onke amagama amasha uma ekhona.

*Lokhu okufakwe kudayari kucashunwe ku-Diary of a Wimpy Kid kaJeff Kinney. Kubhalwe nguGreg Heffley umfana wesikole samabanga amaphakathi eMelika, okungaba ngamabanga 4 -7 eNingizimu Afrika.*

Namhlanje usuku lokuqala esikoleni, kumanje nje silindele uthisha ukuba aqede ukuhlela ishadi lokusihlalisa. Ngakho ngithe ngcono ngiqhube isikhathi ngokubhala kuleli bhuku lami.

Sengathi ngcono ngikunike iseluleko esihle. Ngosuku lokuqala esikoleni kumele unakekele ukuthi uhlezi kuphi. Uma ungena ekilasini uvele uhlale noma yikuphi nje, uzozwa uthisha wakho esethi.




Kusho ukuthi kuleli klasi sengizohlale nginoChris Hosey phambi kwami, noLionel James ngemva kwami. UJason Bill ufike sesedlule isikhathi wacishe wahlala ngakwesokudla sami, kodwa ngenhlanhla ngikuvimbe ngomzuzu wokugcina ukuba kungenzeki lokho.




Wo, yelele!
Mhn! Yeshi....i!




ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 14 2019/07/21 21:45:42

OLwesibili

Angazi noma sengake ngakusho yini lokhu, ukuthi NGINGUMPETHA emidlalweni yevidiyo. Uma singabheja, ngingabashaya amakhanda bonke ebangeni lami.

Ngeshwa-ke uBaba akanandaba nobuciko enginabo. Uhlale efuna ukuba ngiphumele phandle ngiyokwenza okunye okungaba yinto "ebonakalayo".

Ngakho-ke namuhla emva kwedina, ngenkathi ubaba engifundekela ngokuthi mangiphumele phandle, ngizamile ukumchazela ukuthi kule midlalo yevidiyo umuntu uyakwazi ukudlala ibhola lezinyawo, kodwa akudingeki ukuba aze ashise ajuluke.



Kodwa-ke, njengokwejwayelekile, uBaba akawubonanga umqondo okulokhu engikushoyo.

Ubaba yena ngingathi nje uhlakaniphile bandla, kodwa uma sifika ezintweni ezisobala nje, nami uyangidida.





Ngikholwa ukuthi ubaba angayihlakaza imidlalo yami uma engahle abe nayo indlela. Ngenhlanhla-ke abantu abenze le mshini, benza isiqiniseko sokuthi ayinakuphazanyiswa ngabazali.


OLwesithathu

Namhlanje esifundweni seJografi besenza, ikhwizi, kanti ngingasho nje ukuthi kudala ngililindele leli thuba.


Le khwizi ibimayelana nezinhlokodolobha zamazwe ase-United States. Mina-ke ngihlezi emuva le eduze kwebalazwe elikhulu lamazwe aseMelika. Zonke izinhlokodolobha zibhalwe zaba nkulu ngopende obomvu, ngavele ngazibonela nje ukuthi kuzoba lula lokhu kimi.



Kodwa lapho sesiqala nje isivivinyo, uPatty Farrell wezwakala esememeza laphaya phambili.




UPatty watshela uMnu Ira ukuthi kumele limbozwe ibalazwe le-United States ngaphambi kokuba kuqalwe,




Ngenxa kaPatty-ke yangehlula ikhwizi. Kumele nakanjani ngithole indlela yokuziphindisela kuPatty.



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 15 2019/07/21 21:44:03

# Ukuzibhalela eyakho idayari








Yiziphi izigameko eziphawulwe kudarayi kaWimpy Kid ekhasini elandulela leli?

**Masikhulume** Yenza uhlu lwezigameko ezivela kwidayari kaWimpy ezinsukwini ezintathu.


| | |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |

Khanda isihloko ngesigameko ngasinye kozibale ngenhla

| | |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |



**Masibhale** Manje-ke bhala ozokufaka kudayari yakho. Cabanga ngezigameko osuke wedlula kuzo ebezibalulekile empilweni yakho, noma bezihlekisa noma zidabukisa. Faka usuku nokuthi bekungolwesingaki, ukhumbule ukubhala njengomuntu wokuqala ("Ngi-"), ngenkathi eyedlule. Ungalandela isibonelo sikaWimpy Kid, bese udweba isithombe ukukhombisa okosuku ngalunye.



*Dayari othandekayo* *Usuku (Ngolwesingaki):* *Usuku:*

Dwebela umfanekiso wokufake kudayari

# Isikhathi sokubuka isikrini



Emisebenzini eyedlule ufunde wabhala indaba. Emasontweni amabili ezayo Uzofunda izindaba eziqukethe ulwazi. Uzofuna amaphamfulethi anolwazi, ubuye uzakhele iphamfulethi yakho.

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

## NGABE UNAMEHLO "AYISIKWELE"?



**Sanibonani zingane**

Ngabe uchitha isikhathi esiningi ubuka iTV noma amamuvi, noma udlala ngomakhalekhukhwini, noma imidlalo yekhompiyutha noma yevidiyo? Ngabe uyilokhu okuthiwa "yizambane likasofa" *(couch potato)*?

Izingane eziningi zichitha isikhathi esiningi kakhulu ngaphambi kwesikrini.

Yebo, kukhona ukubuka iTV okungafundisa, kodwa izingane eziningi zichitha isikhathi esiningi kakhulu ngaphambi kwesikrini. Ziningi kakhulu izingane ezichitha amahora amaningi zibuka iTV zidlala nemidlalo kunamahora eziwasebenzisa esikoleni.

Kuyinkinga ngani ukuchitha isikhathi esiningi kubukwa isikrini?

- **Akulalwa ngokwanele.** Uma ubuka iTV isikhathi eside iyakhula ingozi yokuba wephuze ukulala, ungabe usalala ngokwanele. Ukungalali ngokwanele kukweza ukuba uhlale ukhathele. Izingane ezikhathele-ke zikuthola kunzima ukuba imiqondo yazo inamathele kokufundwayo esikoleni.
- **Ukukhuluphala.** Uma ulokhu uhlezi phambi kweTV, iyanda ingozi yokuba ukhuluphale ngokweqile. Izingane eziningi ezihlale ziphambi kweTV isikhathi eside zisuke zithande kakhulu ukudla okungenampilo okuhlale kukhangiswa ngakho kuthelevishini. Kulula nje ukuba umuntu adle ngokweqile uma ehlale ebuka iTV.
- **Ukusebenza kabi esikoleni.** Izingane ezibukela kakhulu iTV noma ezidlala kakhulu imidlalo yekhompiyutha zivame ukungabi naso isikhathi somsebenzi wesikole wasekhaya noma ukulungiselela ukuhlolwa.
- **Ukwenekeka odlameni.** Izinhlelo zeTV zivame ukukhombisa udlame. Izingane kumele zazi ukuthi alulungile udlame nolaka ezikubona kuTV. Akuyona indlela efanele yokusombulula izinkinga.
- **Aseneli isikhathi sokudlala.** Ukubhekana kakhulu nesikrini kwenza ukuba ungabi naso isikhathi esanele sokudlala.





ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 18 2019/07/21 21:44:28


Usuku:



## Izingane zenzele okuhle

Izingane zesikole akumele ukuba zichithe isikhathi esingaphezu kwehora noma amabili ngosuku ziphambi kwesikrini.


Kumele usinqume isikhathi sazo ukuze unciphise esokubuka iTV nokudlala imidlalo yekhompiyutha neyevidiyo.




### Yikuphi okunye ongakwenza?

Zihlanganise nethimba labadlali noma uye emtatsheni wezincwadi uyofunda izincwadi. Dlala nabangani, noma uhambe uyodlala epaki. Funda ukudlala imfijoli, dlala imidlalo yebhodi noma ube nokunye ongachitha ngakho isikhathi.

















Masikhulume

- Singakanani isikhathi osichitha ubuka iTV ngelanga?
- Yiziphi izinhlelo othanda ukuzibuka?
- Yini othanda ukuyenza ngenkathi ubukela iTV?
- Yimiphi imidlalo yesikrini othanda ukuyidlala?
- Singakanani isikhathi osichitha udlala imidlalo yesikrini ngelanga?
- Yini lokhu okuthiwa "yizambane likasofa"?

KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 19 2019/07/21 21:45:07

# Iphamfulethi






Funda iphamfulethi futhi bese uphendula imibuzo.



Masibhale

Qondanisa la magama nezincazelo zawo.

| | |
|---|---|
| ukukhuluphala | ukucabanga |
| ukwenekeka | isisindo eseqile |
| isikhathi sesikrini | yehlisa |
| ukunamathela ngomqondo | thintana |
| ukunciphisa | isikhathi esichithwa kubukwa isikrini |

Iphamfulethi ibhalelwe bani? Thikha ibhokisi elifanele.

☐ Abazali ☐ Othisha ☐ Izingane zesikole ☐ Abantu abadala

Ukusho ngani lokhu? Caphuna iphuzu elilodwa kwimphamfulethi elisitshela lokhu.

| |
|---|
| |

| Le phamfulethi isitshelani? | | Yini eyenza ukubukela iTV kwenza ukuba ibe mibi imiphumela yezifundo esikoleni? | |
|---|---|---|---|
| 1 | Ukuthi ukubhekena neTV nokudlala imidlalo yevidiyo kuqeda ugesi. | 1 | Ngoba izingane ziyathanda ukudla okungenampilo okukhangiswa kuTV. |
| 2 | Ukuthi izingane akumele zichithe isikhathi esingaphezu kwehora noma amabili ngosuku ziphambi kwesikrini. | 2 | Ngoba izingane azizivocavoci. |
| 3 | Ukuthi abafana bathanda imidlalo yevidiyo kanti amantombazana athanda ukubuka iTV. | 3 | Ngoba iTV ikhuthaza udlame. |
| 4 | Ukuthi uyoba nokuthiwa "amehlo ayisikwele" uma uchitha isikhathi eside kakhulu ubuka isikrini. | 4 | Ngoba izingane azinaso isikhathi esanele sokwenza umsebenzi wesikole wasekhaya. |

Bhekisisa ibha-shadi ekhasini le-19. Lisitshelani ishadi ngesikhathi izingane zeminyaka eyahlukene ezisichitha zibukela ithelevishin? Yisikhathi esingakanani esinconywayo?

| |
|---|
| |
| |
| |



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 20 2019/07/21 21:46:17

Usuku:

Masibhale

Bhala okuthathu okuyimiphumela emibi okuphawulwe kuphamfulethi okudalwa ukubuka kakhulu isikrini.




Masenze

Sebenza nomngani nakhe iphosta ekhuthaza izingane ukuba zenze ezinye izinto kunokuba zilokhu zidlala imidlalo yevidiyo noma zibukele umabonakude.

Masibhale

Manje-ke bhala isigaba ukuchaza iphosta yakho. Chaza ukuthi kudingeka ngani ukuba zinciphise isikhathi ezisichitha phambi kwesikrini, kodwa zandise esokwenza ezinye izinto.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

KUTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 21 2019/07/21 21:47:03

# Lapho izinto zikhona



Ukubheka izakhi namagama okusetshenziswa ezandisweni

Lokhu kusikhombisa izindawo eyedlula kuzo inja. Okunye kusitshela ukuthi isebenzisani.


Masibhale

Bheka le ndaba yezithombe zenja ethenga iphephandaba. Gcwalisa izakhi zesandiso noma amagama ayizandiso esikhaleni sesithombe ngasinye.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ngaleya | ophawini | nga- (nge-) | kwa- | nga- (ngo-) |
| ngaphansi | kwa- | e- | phezu | |




ngaleya



Masibhale

Manje bhala umusho ngaleso naleso sithombe usebenzisa izakhi namagama abhekisa ekuthini inja ikuphi noma isebenzisani.

1 URover uhamba uya esitolo. Uwelela ngaleya komgwaqo.
2
3
4
5
6
7
8
9

1 **ngaleya** (komgwaqo) 2 **phezu** (kwebhuloho) 3 (yedlula) **ophawini** 4 (ifika) **kwa**Maphepha 5 (iphepha) **ngo**mlomo 6 **ngaphansi** (kwebhuloho) 7 (yedlula) **e**sontweni 8 (phezu) **kwe**phevumenti 9 (ikhuphuke) **nge**zitebhisi



ZULU HomeL Gr1 B2 TH5.indd 22 2019/07/21 21:47:31

Usuku: ____________

# Ukuzithokozisa ngolimi olunezifengqo




Thola ukuthi lezi zifengqo ziyini, bese udweba isithombe ukufanekisa isibonelo ngasinye.

## Isifaniso

Isifaniso siqhathanisa izinto ezimbili ngokusebenzisa izakhi ezifana no-"njenga-" no-"nganga-", "fana na-".

| | |
|---|---|
| Wayemuhle njengelanga. | Mkhulu ngangomphongolo. |





## Isingathekiso

Isingathekiso siqhathanisa izinto ezimbili ngaphandle kokusebenzisa izakhi noma amagama okuqhathanisa.


| | |
|---|---|
| Uyindlovu ngenxa yokuhlala kusofa. | Bengithi uzoshesha; sengikhohliwe ukuthi uwunwabu nje. |



## Ufanamsindo

Lapha kuphindwa imisindo esekuqaleni kwamagama alandenayo.

| | |
|---|---|
| Liyeza lifike lime licule. | Bavele bame babuke bagegetheke. |







ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 23 2019/07/21 21:47:44


# Konke ngokuhlukumezana kwezingane





Masifunde

Funda iphamfulethi bese uphendula imibuzo elandelayo.




**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

## Makuphele ukuhlukumeza

Ziningi izingane zesikole ezihlukunyezwa ngezinye. Lokhu kuhlukumezana ezikoleni zethu yinkinga okumele iphele nya. Kumele uhlale uziqaphele izingane ezihlukumeza ezinye kanje.



### Kusho ukuthini ukuhlupha abanye?

Ukuhlupha abanye abantwana kusho ukubaphatha kabi esikoleni. Kuvame ukuphindaphindeka lokhu.

Ukuhlupha abanye kusho ukubedelela, ukubagcona, ukubabiza ngamagama amabi, okungabalimaza, benziwe bangahlanganyeli nabanye emaqenjini abantwana.

### Kwenzekaphi lokhu kuhlumeza?

Lokhu kuhlukumeza kwenzeka noma kuphi

- esikoleni
- enkundleni yemidlalo
- uma isikole sinohambo
- ocingweni naku-intanethi
- endleleni eya esikoleni
- ezindlini zangasese

### Kuzwakala kunjani ukuhlukunyezwa?

Kuyamlimaza umuntu, kanti izingane ezihlukunyezwayo azijabuli, ziyesaba zizizwe zinesizungu.

Ukuhlukumeza ngeke kuphele ngaphandle kokuba kube khona omtshelayo ngakho. Uma kukhona okuhlukumezayo ngale ndlela kumele utshele uthisha noma omunye omdala ozokulalela akusize.

Uma ungalutholi usizo, shayela ucingo kwaChildline ngenombolo engakhokhelwa




### Yini ongayenza uma uhlukunyezwa?

Akube khona omtshelayo. Tshela uthisha wakho noma abazali noma omunye nje womndeni. Mcele ukuba akusize, noma asho ukuthi ungenzenjani. Uma kukhona okuhlukumeza ocingweni noma ku-intanethi, gcina imiyalezo oyithunyelwayo ukhombise omunye omdala.

Hlalela ethembeni. Hlale ucabanga okuhle njengalokho okuthokozelayo nokuthi yini okuthokozelayo esikoleni noma lokho okwazi ukukwenza kahle. Hlale



ZULU HomeL Gr4 B2 TE5.indd 24 2019/07/21 21:47:48

Usuku:



ukhumbula ukuthi kukhona abantu abakuthandayo abakufisela okuhle.

Nawe akube khona okuzamayo.
Tshela lowo muntu okuhlukumezayo ukuthi awuyithandi into ayenzayo. Vele uthi, "Angikufuni lokho," kusho ngokuzethemba. Uma ubona ukuthi kuphephile, mbuze umhlukumezi ukuthi yini inkinga anayo, noma ningasizana yini ukuyixazulula. Ungakhulumi nomhlukumezi uwedwa. Cela umngani akuphelekezele.

Sekwake kwashiwo ukuthi ungumhlukumezi?
Akumnandi ukubizwa ngomhlukumezi. Akekho umuntu othanda abahlukumezi. Kwesinye isikhathi awazi ukuthi yini kuthiwe ungumhlukumezi, kodwa ngesinye isikhathi uyazi. Uma kuthiwa ungumhlukumezi, kumele ucabange ngalokho okwenzayo, nokuthi ungakuguqula kanjani ukuziphatha kwakho.

Ungacela usizo lokuba uguquke. Khuluma nabazali bakho noma othisha ucele ukuba bakusize.

Kumele wenzeni uma ungumhlukumezi?
- Vuma ukuthi kade ungumhlukumezi uqale ukuguqula ukuziphatha kwakho. Cabanga ukuthi yini ekwenze waba yile nto.
- Hlambuluka kumuntu obumhlukumeza. Ukushweleza yisinyathelo sokuqala ekwenzeni ngcono izinto.
- Lo muntu obumhlukumeza mbhalele incwadi uma ngabe akafuni ukukhuluma nawe. Tshela uthisha wakho ukuthi ube nesihluku, nokuthi udinga usizo ukuze kuguquke ukuziphatha kwakho.

Kumele wenzeni uma kukhona omaziyo ohlukunyezwayo?
Uma kukhona omaziyo ohlukunyezwayo, lowo muntu udinga usizo.
Ungase ungakwazi wena ukuqeda lokhu kuhlukumeza, kodwa ungasiza.
Khuluma nothisha ngalokhu kuhlukumeza.
Siza lowo ohlukunyezwayo asuke ayofuna usizo lapho okuphephe khona.
Mcele ukuba azihlanganise neqembu lakho noma umdlalo eniwenzayo.




- Sewake wahlukunyezwa wena?
- Wenzani ngalokho?
- Ungakhuluma nobani uma uhlukunyezwa?


ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 25 2019/07/24 21:47:50

# 77 Ukucabanga ngokuhlukumezana



Masibhale

Funda iphamfulethi ngokuhlukumeza bese uphendula le mibuzo.

Le phamfulethi ibhalelwe bani? Thikha ibhokisi elinempendulo efanele.

- ☐ Abazali
- ☐ Izingane ezihlukunyezwayo
- ☐ Izingane ezingabahlukumezi
- ☐ Othisha

Ukusho ngani lokhu? Kopisha umusho owodwa ositshela lokhu kuphamfulethi.

Qondanisa la magama nezincazelo zawo.

| | |
|---|---|
| uhambo | ngesiqiniseko |
| i-intanethi | ukuvakasha |
| ukuzethemba | ukuvuma |
| shweleza | ukuxolisa |
| hlambuluka | inxakanxaka yekhompiyutha |

Shono izindawo ezine lapho ukuhlukumeza kwenzeka khona.

Shono izinto ezintathu okumele uzenze uma uhlukunyezwa. Ungenzenjani uma usuke wazama nawe kodwa wehluleka ukuqeda ukuhlukunyezwa?

Umuntu angahlukunyezwa kanjani ocingweni noma ku-intanethi?

Akha uphawu lokuthi "yeka ukuhlukumeza".



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 26 2019/07/21 21:47:52

Usuku: 

# Umusho ombaxa




*Ungayihlanganisa imisho emibili eqondile ngesihlanganiso ukwakha umusho omagatshagatsha*





Masibhale

Sebenzisa isihlanganiso esikubakaki ukuguqula umusho oqondile ube umusho ombaxa.

| | |
|---|---|
| Ngithanda ukuya eKruger Park. | U-Ann ukhetha ukuya ebhishi. (kodwa) |
| | |
| Umngani wami uthanda ukuya ekhempini. | Nodadewethu futhi. (kanti) |
| | |
| Sabona obhejane esiqiwini. | Sabona nezindlovu. (futhi) |
| | |
| Umama uwafihlile amakhekhe. | Thina siwatholile. (kodwa) |
| | |
| Ngiyathanda ukude ngiya ebhishi. | Ngihlala kude kakhulu. (kodwa) |
| | |
| Ngifisa ukuhlabelela ekhwayeni. | Ngiyakuthanda nokudlala ibhola lezinyawo. (kanti) |
| | |

KUTHISHA: Sayina _______ Usuku _______



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 27
2019/07/21 21:48:06

# Inkathi eyedlule nezayo eziqhubekayo



Sisebenzisa inkathi eyedlule eqhubekayo ukuchaza okwakwenzeka.

Sisebenzisa isenzo esisenkathini ezayo, kokuzobe kwenzeka esikhathini esizayo.

**IMITHETHO** Dlala lo mdlalo ubone ukuthi ukwazi kangakanani ukwenza imisho esenkathini eyedlula nezayo eziqhubekayo.

Indlela yokudlala

- Qhwabaza uhlamvu lwemali. Uma kuyikhanda, uya phambili izikhundla ezimbili. Uma kungumsila uya phambili isikhundla esisodwa.
- Sebenzisa amagama asebhokisini ofika kulo ukwenza umusho enkathini eyedlula noma ezayo eqhubekayo.
- Uma ufike enombolweni engenalugweje qala umusho wakho ngokuthi: kusasa, ngesonto elizayo, ngenyanga ezayo noma kamuva namuhla.
- Uma ufike enombolweni elugweje qala ngokuthi: Izolo, ngesonto eledlule, ngoMgqibelo owedlule , ngonyaka owedlule.






ZULU HomeL Gr4 B2 TB5.indd 28 2019/07/21 21:48:11

# Ukwenza iphamfulethi






Buyela emsebenzini wama-73kanye nama-76 ubheke ukwakhiwa kwamaphamfulethi. Manje uzokwenza eyakho iphamfulethi ngokuhlukumezana. Sebenzisa lokhu kokuhlela okulandelayo ukuze kukusize. Ikhasi lakho langaphambili kumele libe nesithombe esingamheha ofundayo. Kumele futhi sibe nesihloko nesiqubulo esimhehayo umuntu - njengokuthi nje: "Akuphele manje ukuhlukumeza!" Dweba isithombe ekhasini ngalinye ukhombise okucabangayo. Ekhasini elingemuva khumbula ukufaka inombolo yocingo yakwaChildline.

| | | |
|---|---|---|
| 3 Ekhasini elingemuva: Nikeza imidati yokuxhumana kwabakwaChildline. | 2 Lapho kuhlukunyezwana khona | 1<br><br>Ikhasi langaphambili. |

| | | |
|---|---|---|
| 6 Ongakwenza uma uhlukunyezwa | 5 Ungamsiza kanjani ohlukunyezwayo | 4 Ungenzani uma ungumhlukumezi ufuna ukuyeka |





Manje sika ikhasi elilandelayo uligoqe ukwenza iphamfulethi eliyi-Z-Card. Sebenzisa uhlelo lwakho lokulungiselela ukuqedela iphamfulethi ngobunono.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 30 2019/07/21 21:48:29

| NGIYAKWAZI MANJE | ☺ | ☹ |
|---|---|---|
| ukufunda okufakwe kudayari. | | |
| ukufunda indaba yezithombe. | | |
| ukufunda indaba. | | |
| ukufunda iphamfulethi enolwazi. | | |
| ukuphendula imibuzo esuselwa endabeni. | | |
| ukuphendula imibuzo esuselwa kuphamfulethi. | | |
| ukuphendula imibuzo esuselwa endabeni yezithombe. | | |
| ukudizayina iphamfulethi. | | |
| ukudizayina iphosta. | | |
| ukuxoxa nokubikezela okuza endabeni kususelwa esithombeni. | | |
| ukwehlukanisa imisho emagatshagatsha kuvele imisho eqondile. | | |
| ukukhomba izingathekiso, isifaniso nofanamsindo. | | |
| ukukhomba izenzo. | | |
| ukuhumusha ibhagrafu. | | |
| ukuxhuma imisho eqondile ukwenza imisho emagatshagatsha, | | |
| ukuqondanisa izandiso nokwenzekayo. | | |
| ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo. | | |
| ukulungiselela nokubhala okungena kudayari. | | |
| ukusebenzisa izandiso emishweni. | | |
| ukusebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho. | | |
| ukusebenzisa izenzo ezingamabinzana. | | |
| ukusebenzisa izakhi namagama ukusho ukuthi okunye kungaphi kokunye. | | |
| ukusebenzisa inkathi edlule nezayo eziqhubekayo. | | |
| ukubhala okungena kudayari. | | |
| ukubhala isiphetho sendaba. | | |







ZULU HomeL Gr4 B2 TH5.indd 33 2019/07/21 21:48:55

Okuqukethwe

# Indikimba 6: Ukudlala nezinkondlo

Ithemu 3: Amasonto 5 - 10


## Ithemu 3: Amasonto 5 – 6
## Masizijabulise ngezinkondlo

81 Masizijabulise ngezinkondlo 36
- Uxoxa ngenkondlo.
- Uthola imvumelwano enkondlweni.
- Ukhomba isenzasamuntu enkondlweni.
- Uzijwayeza amazwi ifanamsindo.
- Ukhomba ufanamsindo enkondlweni.

82 Ezinye futhi izinkondlo zokuzijabulisa 38
- Ufunda inkondlo.
- Uphendula imibuzo mayelana nenkondlo.
- Uthola imvumelwano enkondlweni.
- Ukhomba inhloko nesenzo emshweni.
- Ubhala imisho eqondile akhombe isenzo.

83 Bhala inkondlo yakho 40
- Uqedela ibinza enkondlweni ngokufaka imvumelwano.
- Uphendula imibuzo ngenkondlo.
- Ulungiselela ukubhala inkondlo esebenzisa uhlaka lokubhala inkondlo.

84 Ukubheka ulimi 42
- Usebenzisa isenzo ukuqedela imisho.
- Ubhala incazelo yezifinyezo.
- Usebenzisa izihlanganiso ukuguqula imisho eqondile ibe ngemagatshagatsha.

85 Isitolo sokuvikela izilwane 44
- Ufunda inkondlo aphimise.
- Uphendula imibuzo ebhekiswe enkondlweni.

86 Izinkondlo zase-Afrika 46
- Ufunda inkondlo emayelana nezimo.
- Ukhomba imvumelwano enkondlweni.
- Ukhomba okucacisa ukuqondana kwemigqa enkondlo.

87 Ukubhala inkondlo 48
- Uhlela ukubhala inkondlo ngezimo.
- Ubhala inkondlo umzamo wokuqala wenkondlo bese eyibhala kahle.

88 Usakhumbula? 50
- Uphinda ubhala imisho esebenzisa izimpawu ezifanele.
- Uyasho ukuthi imisho iyimiyalelo, imibuzo, izitatimende noma izibabazo.
- Usebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho.

## Ithemu 3: Amasonto 7 – 8
## Abantu nezindawo

89 Abantu nezindawo 52
- Ubuka ibalazwe leNingizimu Afrika bese efunda ngabantu besifundazwe ngasinye.
- Ubhala ithebhula lemininingwane yezingane ngokwezifundazwe.

90 Izilimi ezikhulunywayo 54
- Wenza inhlolovo bese ebhala imiphumela ethebhuleni.
- Uxoxa ngemibuzo ethinta izilimi ezahlukahlukene.
- Ufunda ishadi.
- Uphendula imibuzo ngeshadi.
- Uphendula imibuzo ebhekiswe ebalazweni.
- Ukhomba izenzo.

91 Izikole emhlabeni jikelele 56
- Ufunda imibuzo ebhekiswe ebalazweni lomhlaba.
- Wenza uhlu lwezinkinga ezivela engxoxweni.
- Uqondanisa amazwe namazwekazi awo.
- Uqedela imibuzo mayelana nomfaniswano, ukudla, njl.

92 Ukuya esikoleni kwamanye amazwe 58
- Uphendula imibuzo ebhekiswe ebalazweni lomhlaba.
- Wenza uhlu lwezinkinga ezivela engxoxweni.
- Uqondanisa amazwe namazwekazi akuwo.
- Uqedela imibuzo ngemifaniswano ezikoleni, ukudla, njl.
- Ubhala imisho ngezinye zezimpendulo ezivela ohlwini lwemibuzo.

## Ithemu 3: Amasonto 9 – 10
## Indlela yokudlala


93 Isikhathi semidlalo yeshashalazi 60
- Ufunda umdlalo weshashalazi.

94 Sicabanga ngendaba 62
- Uphendula imibuzo ebhekiswe emdlalweni weshashalazi.
- Uqedela iphazili esebenzisa amabizoqoqa.

95 Bhala umdlalo wakho 64
- Ulungiselela ukubhala umdlalo weshashalazi esebenzisa ibalazwe lemibono nokokuwuhlela.
- Ubhala umdlalo weshashalazi.

96 Sibheka ulimi 66
- Ubhala imisho esebenzisa iziqalo noma iziphongozo.
- Ubhala imisho esebenzisa izijobelelo.





ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 35 2019/07/21 21:42:34

81


# Masizijabulise ngezinkondlo

Kulesi sigaba uzobheka izinhlobonhlobo zezinkondlo futhi nawe uzozama ukubhala izinkondlo ezimbalwa.





Masikhulume

Bheka isithombe nesihloko senkondlo.
Ucabanga ukuthi le nkondlo izokhuluma ngani?
Xoxa
nomngani wakho ngalokhu.
Wake wahlangabezana nefuzamsimdo uma ukhuluma?
Ungazama ukufunda umusho olandelayo usheshisa?



**UCebo ucambalele esiceshini ucabanga icebo lokucupha ucilo.**





Ngasekugcineni kwale nkondlo sithola isigaba esingadala ifuzamsindo. Lokhu kudalwa ikakhulu ngukulandelana kongwaqa abathile.

Bheka isithombe kanye nesihloko senkondlo. Ucabanga ukuthi le nkondlo izoba mayelana nani? Khuluma nomngani ngayo.

## Ingxaki yocingo

Indlovukazi yehlathikazi
Yayishayela umzala ucingo
Intambo yathandel' embokwen' **omkhulu**
Yaze yagqabula; yasho indlovu ngelikhulu:
"Mzala kunamahlamv'amnandi **la**
Woza sizodla ndawonye"
"Mzala kunamahlamvu amnandi nala
Woza sizitike **ndawonye**!"
"Sizoqala kuwe-ke mzala **wami**
Sibuye zizodla awami."
"Ngoba phela amnandi ngokunye,
Uma siwadla sindawonye
Nocingo olugqabukile siyoluxhuma luxhumeke,
Nxa sixox' ingxoxo sixhasane sindawonye."

Laura Richards (iguquliwe)





Masifunde

Funda inkondlo ngokunakekela. Emva kwalokho ifundeni kakhulu njengeqembu.





ZULU HomeL Gr1 B2 TTG.indd 36 2019/07/21 21:42:36

Usuku:




Ikhuluma ngani le nkondlo?

Yimiphi imigqa enefanamsindo? Idwebele.




Thola imvumelwano sigcino usebenzisa amagama angezansi owanikiwe

| omkhulu | la | ndawonye | wami |
| --- | --- | --- | --- |
| | | | |

Yini indlovu eyayizama ukuyenza?

| |
| --- |
| |

Yehlulwa yini ukuyenza?

| |
| --- |
| |

## Isenzasamuntu

Tomula isenzasamuntu kule nkondlo. Kule nkondlo umbhali unikeza indlovu okuyizimpawu zomuntu.

Kopisha umusho kule nkondlo okhombisa ukuthi indlovu iziphathisa okomuntu.


| |
| --- |
| |
| |
| |


## Ufanamsindo




Zama ukusho ngokuphindaphinda la magama anefuzamsindo. Ungakwazi ukuwasho ngokusheshisa?

**Ixoxo lixoxa noxamu ngengxoxo exakile.**








Inyok' enyakaze kwenyany' unyawo.



**Idube lidangele uma amadada eduda edamini.**



Uma siphindaphinda amagama afanayo emushweni, lokhu sikubiza ngokuthi wufanamsindo.




Funda ngofanamsindo bese udwebela imisindo ephindwayo.



ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 37 2019/07/21 21:42:45

# Ezinye futhi izinkondlo zokuzijabulisa





Masifunde

Funda inkondlo bese uphendula imibuzo.



## Mina noSimanga

Ngangizizulela phansi kwezihlahlana
Ngizihambela ngingedwana.
Ngezwa umsindo ngingawulindelanga,
Amehlo azithela kuSimanga!

Ushay' isiphik' esiluhlaza,
Izinwele zakhe zisagolide,
Izicathulo namasokisi kuluhlaza.

Vela ngikubone futhi we Simanga,
Ngakubheka kanye ngakuthanda.

Helen Moor (iguquliwe)





Masibhale

| Umbhali wasibonaphi lesi sidalwa? |
| --- |
| |
| Umbhali yini athi nguSimanga lo? |
| |
| Wasibona kangaki? |
| |
| Tomula umusho osho ukuthi wayefisa ukumbona uSimanga. |
| |
| Ngabe ucabanga ukuthi yindaba eyiqiniso le? Usho ngani? |
| |

Gcwalisa amagama asenkondlweni anemvumelwano namagama asohlwini olungenhla lwethebhula.

| kwezihlahlana | esiluhlaza | usimanga |
| --- | --- | --- |
| | | |



ZULU HomeL Gr1 B2 THG.indd 38 2019/07/21 21:43:00

Usuku:

## Umusho oqondile

Umusho oqondile unenhloko nesenzo.



Inhloko isho umuntu noma into ethile eyenza okuthile.

+

Isenzo sibhekise kokwenziwa ngumuntu noma into ethile.

| | |
|---|---|
| UThandi | uyacula. |
| inhloko | isenzo |




Kokelezela inhloko bese udwebela isenzo emshweni ngamunye kwelandelayo.

| |
|---|
| Isalukazi siyafunda. |
| Ukhahlele ibhola. |
| Mina ngikhathele. |
| USmanga uyacula. |
| Inja ilambile. |
| UJabu ufike ngesikhathi |
| Umdlwane ulume ibhola lami. |
| Udade ubhake ikhekhe. |



Bhala imisho yakho eqondile. Kokelezela inhloko futhi udwebele isenzo.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 39 2019/07/21 21:43:04

# 83 Bhala inkondlo yakho




Masibhale

Gcwalisa amagama angekho anemvumelwano ukuqedela leli vesi.

usekuzwile

kulukhuni

ukuxovile

eside

## Amathebhula ezibalo

UGertie wayefunda izibalo __________________ (1).

Noma kwakumthatha isikhathi __________________ (2).

Ebusuku wayethi konke __________________ (3).

Ngakusasa athole ukuthi __________________ (4).

Izimpendulo 1 kulukhuni, 2 eside, 3 usekuzwile 4 ukuxovile




Ikhuluma ngani le nkondlo?

| |
|---|
| |
| |
| |

Ucabanga ukuthi yini eyayenza enze amaphutha ngakusasa?

| |
|---|
| |
| |
| |

Sekwake kwenzeka ukuba nawe ukhohlwe ngokufundile njengoGertie Gables? Chaza okwenzeka.

| |
|---|
| |
| |
| |



ZULU HomeL Gr4 B2 TTG.indd 40 2019/07/21 21:45:08

Usuku:



Masibhale

Lungisela ukubhala inkondlo. Sebenza nomngani wakho. Cabanga ngesihloko nomusho wokuqala. Yenza amabinza abe imigqa emine ubude. Ubude bomugqa wesibili nowesithathu kumele bulingane, isibalo samalunga akhona silingane. Lokhu uzokubhala ezikhaleni ezifiphaziwe. Zama ukuba amagama okugcina omugqa wesi-2 nomugqa wesi-4 avumelane.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

Ngaphambi kokuba uqale thola indikimba uzame nokuthola amagama anemvumelwano.

## Uhlelo lwenkondlo

Bhala inkondlo ephepheni kuqala bese uyibhala ngobunono esikhaleni esingezansi.

| Isihloko senkondlo |
|---|

| Indikimba yenkondlo |
|---|
| |

Faka amagama anemvumelwano emgqeni wesibili nowesine kulelo nalelo binza.

| Ibinza loku-1 | Ibinza lesi-2 | Ibinza lesi-3 |
|---|---|---|
| | | |
| | | |

Inkondlo yami

Isihloko ______________________________

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

# Ukubheka ulimi



## Inhloko nesenzo

- Inhloko yomusho isitshela ngomenzi, indawo noma into.
- Inhloko ivame ukuba yibizo noma isabizwana.



Bheka izibonelo ezilandelayo.

| Udadewethu | uyawuthanda ushokoledi. |
|---|---|
| Inhloko | Isenzo sisitshela okuthile ngenhloko. |






Qedela imisho elandelayo ngezenzo ezifanele.

| |
|---|
| Izingane eziningi *ziyakuthanda ukudlala.* |
| Izilwane eziningi |
| Umngani wami |
| Abadlali bebhola |
| Amakati alambile |
| UThisha wethu |




Lezi zifinyezo zimeleni? Zibhale ngokugcwele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Mnu. | | Isb. | |
| Nkz. | | Mfu. | |
| Nkk. | | Njl. | |
| Dkt. | | Slz. | |






ZULU HomeL Gr1 B2 TH6.indd 42 2019/07/21 21:43:31

Usuku:

# Ukuxhuma imisho

Sisebenzisa amagama okuxhuma anjengalana: kodwa, ukuze, ngoba ukuxhuma imisho.




Sebenzisa amagama akukholamu ephakathi ukuxhuma le misho. Dweba umugqa uqondanise ingxenye yokuqala yomusho ngamunye kukholamu A nengxenye ekukholamu B ukuze wakhe umusho ophelele.

| A | U"**ngoba**" usitshela ngesizathu | B |
|---|---|---|
| Ngephuzile ukufika esikoleni | ngoba | kumakhaza namhlanje. |
| Ngigqoke ijezi | | ngisuke ngaselwa. |
| Umfana wayethukile | | ungifundisa kahle ukupela amagama. |
| Ngiyamthanda uthisha wami | | wayehlukunyezwa ngabanye. |

| | U"**kodwa**" usikhombisa ukuphika | |
|---|---|---|
| Ngiyathanda ukubukela umabonakude | kodwa | angikaze ngiye epulazini. |
| Sengike ngaya edolobheni elikhulu | | angiyithandi imidlalo yevidiyo. |
| Ngangifuna ukumyekisa ukungihlupha | | wayekhohlwe ngamasokisi akhe. |
| Wapakisha izicathulo zakhe zebhola lezinyawo | | ngangimesaba. |

| | U "**ukuze**" usikhombisa inhloso | |
|---|---|---|
| Ngiwenzile umsebenzi wesikole wasekhaya | ukuze | alizange lingishiye ibhasi. |
| Ngivuke kuseyisikhathi | | ngizophumelela ekuhlolweni kwebanga lesi-4. |
| Ngaziqeqesha nsuku zonke | | izimpahla zami zihlale kahle. |
| Ngapakisha isikhwama sami | | ngikhethelwe ethimini. |

Sebenzisa u"kodwa", "ukuze" kanye no"ngoba" ukuxhuma le misho.

| | | |
|---|---|---|
| Sengike ngasigibela isitimela | | angikaze ngiyigibele indiza. |
| Asikwazi ukudlala ibhola lezinyawo | | liyana. |
| Ngifunda ngokuzimisela | | ngiphumelele ekuhlolweni kwami. |
| Ngifike emva kwesikhathi esikoleni | | bengivuke kunesikhathi. |
| Ngiyalithanda ibhola lezinyawo | | angilithandi ikhilikithi. |



KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr1 B2 TH6.indd 43 2019/07/21 21:43:35




Funda inkondlo kakhulu ukhombise imizwa ekuyo. Emva kwalokho ifunde ngokucophelela uyiphinde ukuqinisekisa ukuthi uyiqonda kahle.



## Isitolo sokuvikela izilwane

Ukuba nginekhulu lamadola engingalisebenzisa,
Noma ngaphezudlwana **nje**,
Ngabe ngiphuthuma njengamanje
Ngiy' esitolo sokuvikel' izilwane.

Bengingezukubuz' ukuthi, "Lokhu nalokhuya **kumalini**?"
"Le nja yona iluhlobo luni?"
Bengizothatha noma iyiphi enamehlo adabukisayo,
Noma iyiphi engitshikizisel' umsila!

Bengizothath' enkulu emadleb'ayalenga,
Ezihlalele laphaya **yodwana**.
Izinhlobonhlobo, ngisho nemidlwan' entekenteke
Zonke zibize mina.

Bengizotheng' upholi onemibala ebomvu neluhlazana,
Nenkawu engayithanda phambilini nxa **ngiyibona**,
Ukuba nginekhulu lamadola engingalisebenzisa,
Noma okuthile okungaphezudlwana.

Rachel Field (Ihunyushiwe)






ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 44 2019/07/21 21:43:39

Usuku: ______________________




Funda inkondlo ngokucophelela, uxoxe ngayo yonke imibuzo nomngani wakho, bese ubhala izimpendulo.



Thola imvumelwano sigcino usebenzisa amagama angezansi owanikiwe.



| nje | kumalini | yodwana | ngiyibona |
|---|---|---|---|
| | | | |

Umbhali uthi ubengenzani ukuba ubenemali?

______________________________________________

______________________________________________

Sibona ngani ukuthi akuyona inkondlo yaseNingizimu Afrika le?

______________________________________________

Yimaphi amaphethi (izilwane ezingabangani) umbhali abezowathenga ukuba ubenemali?

______________________________________________

______________________________________________

Ubezothenga izinja ezingaki?

______________________________________________

Yini ebizomenza athenge inja?

______________________________________________

Ubezothenga inja enjani?

______________________________________________

______________________________________________

Sazi kanjani ukuthi umbhali uyazithanda izilwane?

______________________________________________

______________________________________________

Wena ungathengani uma ungaba nemali?



______________________________________________

______________________________________________

KUTHISHA: Sayina ______________ Usuku ______________




ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 45 2019/07/21 21:43:51





Phinda ufunde izinkondlo ezilandelayo ukhiphe imvumelwano: Imvumelwano siqalo, emaphakathi, sigcino




Dwebela amagama amabili anemvumelwano ngombala ofanayo enkondlweni ngayinye enesimo esithile.







Usuku: ____________




# Iphi imvula?

Indlulamithi nendlovu kwaphuma kwavakasha.
Kwama ethunzini kwaqala ukuxoxa.
"Sengathi ngabe liyana," izikhalel' indlulamithi.
"Ngikhathele ukubuka amaf' elokh' edlula kithi!"
"Kunjalo," kuvum' indlovu, "Iph' imvula?
Sengathi ngingabuye ngidle amahlamv'aluhlaza.
Ilanga liyashisa, izwe lona lomile;
Imvula iyoqala nin' ukusuka ezulwini?"



Kamuva izulu laba mpunga lagubuzela,
Zaphuma izinhlwabusi zamemezela,
"Ímvul' iyeza! Siyihogel' emoyeni!
Laphaya kude sizwa izulu liduma!"
Indlulamithi nendlovu kwabheka phezulu,
Kwezwa ukhozi lumemeza kakhulu,
"Imvul' isifikile. Imifula izogobhoza.
Sedlul' isomiso, sebuzomil' utshani obuluhlaza."


Umthombo: *http://www.canteach.ca*




Enkondlweni osanda kuyifunda umbhali ukuchaza kucace ukubukeka kwendawo ngaphambi kwemvula nangemuva kwayo. Afundisise amabinza amabili bese udweba isithombe esizohambisana nevesi ngalinye.



| Ivesi 1 | Ivesi 2 |
| --- | --- |
| | |



# Ukubhala inkondlo






Bheka izithombe ezine. Hlela ukubhala inkondlo.

- Isithombe ngasinye sikucabangisa siphi isihloko?
- Uzosebenzisa maphi amagama enkondlweni yakho?
- Ngabe inkondlo yakho izoba nayo imvumelwano?

Sebenzani ngababili ukulungisela ukubhala inkondlo. Qalani ngokubhala umzamo wokuqala nje. Uma senigculisekile, bhalani nifake kulezi zimo ezingezansi.





ZULU HomeL Gr1 B2 THG.indd 48 2019/07/21 21:44:28

# Usakhumbula?





Izitatimende yimisho esitshela okuthile. Zigcina ngongqi.

*Ngifunda Ibanga lesi-4.*

Imibuzo yimisho edinga izimpendulo. Le misho iphetha ngombuzi ?

*Lunini usuku lwakho lokuzalwa?*

Imiyalelo yimisho enikeza imiyalelo ethile. Le misho iphetha ngongqi.

*Woza lapha. Ngifuna ukukubona.*

Izibabazo yimisho etshengisa ukujula kwemizwa efana nokumangala, ukwesaba noma intukuthelo. Le misho iphetha ngophawu lwesibabazo!

*Qaphela uzowa!*




Phinda ubhale umbuzo ngamunye, usebenzise uphawu olufanele. Emva kwalokho usho ukuthi umyalelo, umbuzo, yisitatimende noma isibabazo?

ungakulinge uthi ngithathe incwadi yakho

| | |
|---|---|
| | |

uke walibona ijezi lami

| | |
|---|---|
| | |

wo bheka nje ukuthi ushesha kanjani

| | |
|---|---|
| | |

unesiqiniseko sokuthi uze nazo izicathulo zakho zokudlala ibhola

| | |
|---|---|
| | |

ibhasi lisuka ngehora le-12 ezimpondweni

| | |
|---|---|
| | |

ngicela uhlale esihlalweni sakho kuze kukhale insimbi

| | |
|---|---|
| | |

maye angikholwa ukuthi inja idle ukudla kwami

| | |
|---|---|
| | |

Usuku:

# Okunye futhi ngezihlanganiso

Usuyazi manje ukuthi sisebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho.


| | |
|---|---|
| futhi | Usitshela ukuthi yini eyengeziwe |
| kodwa | Usitshela ngokungafani kwezingxenye ezimbili zomusho |
| ngaphambili | Usitshela ngalokho okwenzeka ngaphambili kwesehlo |
| kwase | Usitshela ngokwenzeke kamuva |
| ngoba | Usitshela ngesizathu |






Masibhale

Hlanganisa izingxenye ezimbili zemisho engezansi ngokusebenzisa izihlanganiso ezikubakaki.



Sifike esikoleni sikhathele. Besihamba ngezinyawo. (ngoba)

Ngigqoka izicathulo zokudlala ibhola ngaso sonke isikhathi. Ngiya kozilolongela umdlalo webhola. (ngaphambi)




Ngiyazithanda izindaba ezisuselwe ekhanda. Angizithandi izinganekwane. (kodwa)

Wenza umsebenzi wakhe wesikole. Uya esifundweni sakhe somculo. (ngaphambi)

Sizoliqeda kulesi sikole Ibanga lesi-7. Sizoya esikoleni semfundo ephakeme. (bese)







KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 51 2019/07/21 21:45:02

# Abantu nezindawo




Masikhulume

Bheka ibalazwe bese utshela umngani wakho ukuthi yisiphi isifundazwe esinabantu abaningi kunazo zonke, yisiphi esinababambalwa kunazo zonke, yiziphi eziphakathi nezwe ezinemingcele ethintene nezinye ezintathu.




Masibhale


Funda ukuchazwa kwengane ngayinye bese ugcwalisa imininingwane yabo ethebhuleni elingezansi.



Igama lami ngingu Malebo. Ngihlala eSoshanguve eGauteng. Ngineminyaka eyi-10 ubudala futhi ngifunda Ibanga lesi-5. Ngikhuluma ulimi lwesiPedi ekhaya. Ngithanda ukufunda. Ngiyilunga leqembu elifunda izincwadi futhi iqembu lami lihlangana ngeMigqibelo emtatsheni wezincwadi. Siyaxoxelana ngezincwadi esizifundile bese sishintshisana ngezincwadi. Ngiyathanda ukuba ngusomtapo uma ngiqeda isikole.




Igama lami nginguLulama, ngihlala eMthatha. IsiXhosa ulimi lwami lokuqala kodwa futhi ngiyasikhuluma nesiZulu. Ngineminyaka eyi-11 ubudala, ngifunda Ibanga lesi-6. Ithalente lami elikhulu umculo. UBaba ushaya icilongo, futhi wangifundisa nami ukulidlala. Uma ngiqeda isikole, ngiyathanda ukuyofunda umculo enyuvesi.




Igama lami ngingu Ndivhuho. Ngikhuluma isiVenda. Ngihlala eThohoyandou eLimpopo. Ngineminyaka eyi-14 futhi ngifunda Ibanga lesi-9 esikoleni. Ngidlala ibhola lezinyawo esikoleni, ngidlalela iqembu iBlack Leopards ezingeni labaneminyaka engaphansi kweyi-15.Ngiyafisa ukuba umdlali webhola lezinyawo osezingeni labakhokhelwayo uma ngiqeda isikole.




ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 52 2019/07/21 21:45:46




Mina nginguRefiloe. Ngineminyaka eyi-11 ubudala. Ngihla eFree State. Ngikhuluma isiSuthu ekhaya. Ngifunda isiSuthu, isiNgisi kanye nesiBhunu esikoleni. Iningi labangani bami likhuluma isiSuthu kodwa oyedwa ukhuluma isiBhunu futhi ababili bakhuluma isiNgisi. Njengoba sengisebangeni lesi-4 sesifunda ngesiNgisi. Ngikuthanda kakhulu ukudlala ihokhi neshesi.



Igama lami nginguPhaladi waseMahikeng esifundeni saseNyakatho Ntshonalanga. Ngineminyaka eyi-12 ubudala. Ngikhuluma isiTswana futhi ngisebangeni lesi-7. Mina nabangani bami siseqenjini lezemvelo. Sihlangana njalo ngezimpelasonto sihlanze amapaki nosebe lwemifula. Sizithokozisa ngokwenza lokhu ngoba siyathanda ukuba ndawonye sisize ngokunakekela imvelo. Ngiyathanda ukuba ngumsebenzi onakekela izilwane esiqiwini uma ngiqeda isikole.




Igama lami nginguZodwa ngiphuma eNaspoti eMpumalanga. Ngineminyaka eyi-9 ubudala ngikhuluma isiSwati, ngifunda Ibanga lesi-5. Ngiyazithanda izilwane. Nginezinja ezi-3 namakati ama-2. Uma ngiqeda isikole, ngithanda ukuba udokotela wezilwane. Ngisiza inhlangano iSPCA njalo ngeMigqibelo. Sineqembu elinakekela amakati futhi sinakekela izilwane ezingenamakhaya.



Mina nginguMarieta. Ngihlala eKipithawuni eNtshonalanga Kapa. Ngikhuluma isiBhunu kanti ngifunda Ibanga le-12. Ngiyakuthanda ukubhukuda futhi ngichitha isikhathi sami esiningi ebhishi. Ngathola ukuqeqeshelwa ukuba ngumhlengi wabantu uma beminza. Ngonyaka ozayo ngifuna ukufundela ubuthisha.



Igama lami nginguJan, ngihlala eKuruman eNyakatho neKapa. Ngikhuluma isiBhunu. Ngineminyaka eyi-13 ubudala futhi ngifunda Ibanga lesi-7. Ngithanda ukutshala izitshalo nezithelo. Ngiyathanda ukuba ngumlimi uma ngiqeda isikole.



Igama lami nginguLihle. Ngihlala eMlazi KwaZulu-Natal. Ngikhuluma isiZulu kanye nesiNgisi. Ngineminyaka eyi-14 ubudala kanti ngifunda Ibanga lesi-9. Esikoleni ngiseqenjini labosizo lokuqala. Ngithanda ukuba ngumhlengikazi uma ngiqeda isikole. Usizo lokuqala lubalulekile kakhulu. Sengike ngaphephisa impilo yomfanyana omncane.

| Igama | Iminyaka yobudala | Ulimi | Isifunda | Izinto azithandayo | Afuna ukuba yikho |
|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |



ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 53 2019/07/21 21:46:13

# Izilimi ezikhulunywayo







Thola ukuthi zikhuluma ziphi izilimi izingane ezingenhla ngokwezindawo ezikuzo.

| | Bhala amagama azo emgqeni oluhlaza bese usho izilimi ezizikhulumayo. | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| Amagama | | | | | |
| ekhaya | | | | | |
| eklasini | | | | | |
| nabangani | | | | | |
| ezitolo | | | | | |




Buka ishadi bese uphendula imibuzo elandelayo.




| | |
|---|---|
| Yiluphi ulimi olukhulunywa kakhulu eNingizimu Afrika? | |
| Yiluphi ulimi olukhulunywa abantu abambalwa kakhulu eNingizimu Afrika? | |
| Uma sibheka leli shadi, ingabe zikhona yini izilimi ezikhulunywa yinani elifanayo labantu? | |
| Yiluphi ulimi lwakho? | |
| Lingakanani iphesenti eNingizimu Afrika elikhuluma ulimi lwakho? | |



ZULU HomeL Gr1 B2 TH6.indd 54 2019/07/21 21:46:22

Usuku:






Bhala imisho eyisishiyagalombili echaza izilimi ezikhulunywa ngabangani bakho.




Bhekisisa ibalazwe elisekhasini eledlule bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Zingaki izifundazwe ezweni laseNingizimu Afrika? | |
| Yiziphi izifundazwe ezinabantu abaningi kakhulu? | |
| Yiziphi izifundazwe ezinabantu abancane kakhulu? | |
| Bangaki abantu abahlala esifundazweni sakini? | |
| Yini nhlokodolobha yesifundazwe iNorthern Cape? | |
| Yiziphi izifundazwe eziseduzane nolwandle? | |
| Yisiphi isifundazwe esikhulu kunazo zonke? | |
| Yisiphi isifundazwe esinogu olude kunazo zonke? | |

## Masibheke ulimi

Dwebela izenzo kule misho elandelayo.

| |
|---|
| Ngihambe ngezinyawo ukuya esikoleni ngahlala ekilasini. |
| Ngishayele uJim ucingo ngamumema ukuba eze emgidini wami. |
| Inja igijime yangena endlini yase icaba ithambo layo. |
| Ukhahlele ibhola lashaya ophahleni. |
| Bengigijima ngiya esikoleni ngenkathi ngiwa ngilimala umlenze. |

KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________




ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 55 2019/07/21 21:46:52

# Izikole emhlabeni jikelele







## eFrance

EFrance usuku lwesikole luqala ngehora lesi-8 ekuseni luphele ngehora lesi-4 ntambama. Isikhathi sesidlo sasemini sithatha amahora ama-2. Abafundi abayi esikoleni ngoLwesithathu nangeSonto. Kodwa ngoMgqibelo bangena ingxenye yosuku esikoleni. Abawugqoki umfaniswano.








## eDubai


Isikhathi sesikole siqala ngo-7:45 ekuseni kuya ku-1:30 ntambama. Lokhu kungenxa yokuthi kushisa kakhulu ehlobo. Amaholidi asehlobo athanda ukuba made. Izingane zesikole ezweni laseDubai azivunyelwe ukubeletha izikhwama zesikole ngoba lokhu kuyingozi emigogodleni yazo. Kufanele zisebenzise izikhwama ezinamasondo ezidonswayo.





## eBrazil

Usuku lwesikole luqala ngelesi-7 ekuseni luphele emini bese abafundi beya emakhaya ukuyodla isidlo sasemini nemindeni yabo.
Eziningi zezikole zidinga ukuthi abafundi bagqoke umfaniswano.





## eKenya

Izikole eziningi eKenya zipha abafundi isidlo sasemini.
Abanye bababfundi bayakonga ukudla kwabo ukuze bakwazi ukwabelana nemindeni yabo.
Abafundi baya esikoleni ukusukela ngoMsombuluko kuya koLwesihlanu, kanti abanye baya nangoMgqibelo. Abafundi kufanele bagqoke umfaniswano.



ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 56 2019/07/21 21:47:20



## e-Iran

E-Iran, abafana namantombazana bafundiswa ngokwahlukana. Amantombazana afundiswa ngothisha besifazane kanti abafana bafundiswa othisha besilisa.

## eSouth Korea

Noma isikole siqala ngehora lesi-8 ekuseni ukuya kwele-4 ntambama, abafundi abaningi bayahlala kuze kube sebusuku. Ngemuva kwehora lesi-5 baba nesikhathi sokutadisha. Bese kuthi ngaphambili kokuba baye emakhaya, bahlanze amaklasi abo.








## eJapan

EJapan, abafundi kumele bawugqoke umfaniswano. Kunemithetho eqinile uma kuza ekugcineni izinwele zihlanzekile, izicathulo, amasokisi kanye nobude beziketi. Iklasi ngalinye liba nabafundi abangama-29 futhi ikilasi ngalinye liba namakhompiyutha amahlanu noma ayisithupha ukuze abafundi babelane ngawo.

## eChina

EChina osukwini olwejwayelekile isikole siqala kugamenxe ihora lesi-7 ekuseni kuye kwelesi-5 ntambama. Isidlo sasemini sithatha amahora amabili. Umfaniswano bawuthola mahhala kodwa ukuwugqoka akuphoqelelwe.





## e-Australia


Usuku lwesikole luqala ngehora lesi-9 ekuseni kuye kugamanxe ihora lesi-3. Izingane zidla isidlo sasemini esikoleni.

# Ukuya esikoleni kwamanye amazwe






Bheka ibalazwe bese uphendula imibuzo.



| |
|---|
| Yiliphi izwe elithi izikhwama zesikole ziyasinda ukuthi zingathwalwa yizingane? |
| |
| Yiliphi izwe lapho izingane zihlala esikoleni amahora amaningi ngesonto? |
| |
| Yiliphi ilizwe lapho izingane zingaphoqiwe khona ukugqoka umfaniswano? |
| |
| Yiliphi izwe lapho izingane ziphiwa khona ukudla esikoleni? |
| |




Yiziphi izinkinga nezinselelo ongaba nazo uma ungahle udle isidlo sakho sasemini ekhaya bese ubuyela esikoleni ntambama noma ebusuku? Xoxisanani ngalokhu emaqenjini enu. Yenza uhlu lwezinkinga iqembu lakho elizicabangile.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

Phinda ubheke ibalazwe. Siwathola kumaphi amazwekazi la mazwe?

| | | | |
|---|---|---|---|
| IBrazil | | IJapan | |
| IChina | | IKenya | |
| IFrance | | ISouth Korea | |
| I-Iran | | I-Australia | |

Cabangisisa nge-Australia.



ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 58 2019/07/21 21:47:42




Buza abangani bakho imibuzo elandelayo bese ugcwalisa izimpendulo ephepheni lemibuzo.



| |
|---|
| 1 Kufanele yini izikole ziphe izingane ukudla? |
| 2 Kufanele yini izingane zigqoke umfaniswano? |
| 3 Ingabe izikhwama zesikole zisinda kakhulu? |
| 4 Ingabe kufanele yini izikole zibe nomfaniswano wamahhala? |
| 5 Kufanele yini usuku lwesikole lube lude? |



Phendula ngoyebo noma cha kokulandelayo.

| | Izikole kufanele ziphe izingane ukudla. | | Kufanele ziwugqoke umfaniswano. | | Izikhwama zesikole zisinda kakhulu. | | Izikole kufanele zibe nomfaniswano wamahhala. | | Usuku lwesikole kufanele lube lude. | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Umngani 1** | | | | | | | | | | |
| **Umngani 2** | | | | | | | | | | |
| **Umngani 3** | | | | | | | | | | |
| **Umngani 4** | | | | | | | | | | |
| **Umngani 5** | | | | | | | | | | |
| **Isamba** | Yebo | **Cha** | Yebo | **Cha** | Yebo | **Cha** | Yebo | **Cha** | Yebo | **Cha** |
| | | | | | | | | | | |




Bhala imisho yezimpendulo ezinikezwe ngabangani bakho.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |



ZULU HomeL Gr1 B2 TH6.indd 59 2019/07/21 21:47:47


# 93 Isikhathi semidlalo yeshashalazi




## Impisi namazinyane embuzi amancane ayisikhombisa.

Funda lo mdlalo omayelana nenganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ekhasini lokubhalela.

Uthi bewazi ukuthi umntwana wembuzi simbiza ngezinyane? Funda lo mdlalo ngamazinyane embuzi amancane.



Kwasukasukela! Cosi!

Kwakukhona unina wamazinyane owayehlala endlini yakhe namazinyane ayisikhombisa. Ngelinye ilanga wayefuna ukuhamba ayofuna ukudla.

**Unina:** Bantwana, ngisahamba. **Niqaphele** impisi. Uma ingenile lapha izonidla. Nizozwa ukuthi yimpisi ngezwi **elimahhadlahhadla**, bese niyibona nangezinyawo ezimnyama.

**Izinyane:** Ungakhathazeki ngathi, mama. **Sizozinakekela**, ngeke siyivulele impisi.

Akuphelanga isikhathi eside, kwangqongqoza umuntu emnyango.

**Impisi:** Vulani umnyango bantabami, ngifikile, yimina umama wenu. Nginiphathele ukudla okuningi.

**Izinyane:** Ngeke sikuvulele. Awuyena umama wethu. Izwi lakho limahhadlahhadla.

Impisi yahamba yayofuna insimbi eshisayo yayigwinya ukwenza izwi layo libe mnandi.

**Impisi:** Vulani umnyango bantwana, umama wenu ufikile.


Izwi lempisi lalimnandi manje. Amazinyane acishe awuvula umnyango, kodwa abona izinyawo ezinamazipho amakhulu esesefasiteleni.



ZULU HomeL Gr1 B2 THG.indd 60 2019/07/21 21:47:50

**Amazinyane:** Ngeke sikuvulele umnyango. Umama akanazo izinyawo ezimnyama. Uyimpisi wena.

Impisi yase ilambe kakhulu manje. Yasuka yayofuna ufulawa yawufafaza ezinyaweni. Zabukeka zimhlophe zinoboya obuhle. Yabuya yazongqongqoza emnyango.



**Impisi:** Bantwana, ngibuyile. Vulani umnyango. Ngiphethe ukudla okuningi.

**Amazinyane:** Sikhombise izidladla zakho.

Impisi yafaka izidladla efasiteleni.

**Amazinyane:** Sizokuvulela-ke mama.

Kuthe uma evula umnyango amazinyane abona Impisi. Ethuka azama ukucasha. Elilodwa izinyane langena ngaphansi kwetafula, elesibili langena embhedeni, elesithathu langena esitofini, elesine lacasha ekhishini, elesihlanu lacasha ekhabetheni, elesithupha langena kusinki, kwathi elesikhombisa lagibela ebhokisini lewashi.  Impisi yawathola ayisithupha amazinyane
yawagwinya. Elincane kunawo wonke lalicashe kahle ebhokisini lewashi. Masinya emva kwalokho umama wamazinyane wabuya ekuhambeni.

**Umama:** Nikuphi bantabami?

**Izinyane 7:** Mama, ngisebhokisini lewashi. Impisi ibadlile odadewethu nabafowethu!

Umama wathukuthela. Waya emthonjeni eyofuna Impisi, wayithola ilele ngaphansi kwesihlahla. Wayibuka zonke **izinhlangothi**, wabona ukuthi kunento enyakazayo ngaphakathi esiswini sempisi.

**Umama:** Kungenzeka ukuthi abantabami basaphila? Ngane yami, hamba uyongilandela isikele nenaliti nokotini.

Kuthe uma libuya izinyane, wasivula isisu sempisi umama. Aphuma amazinyane ayisithupha.

**Amazinyane:** Siyabonga, sisaphila!

**Umama:** Tholani amatshe amakhulu. Sizowafaka esiswini sempisi siwagcwalise isalele.

Basigcwalisa ngamatshe isisu sempisi, wayesesithunga umama. Yavuka impisi. Yayomile yahamba yaya emfuleni iyofuna amanzi.

**Impisi:** Yini le eduma esiswini sami? Ngicabanga ukuthi ngidle amazinyane embuzi kodwa kungathi ngidle amatshe.

Kuthe uma impisi igoba ithi iyaphuza emthonjeni, amatshe asindayo ayidudulela phakathi, yaphela indaba yempisi embi.

Cosi!Cosi!Iyaphela



ZULU HomeL Gr1 B2 TH6.indd 61 2019/07/21 21:47:52

# Sicabanga ngendaba





Masikhulume

Siyazi ukuthi izinganekwane zivame ukwethula izinto ezingenzeki. Yini engeke yenzeka kule ndaba? Siyini isizinda sayo? Le ndaba yenzeka ezindaweni ezimbili ezahlukene, yiziphi lezi zindawo?

Asho ukuthini amagama agqanyisiwe endabeni?





Masenze

Lingisani indaba eqenjini. Nizodinga ukuba nonina wamazinyane, amazinyane ayisikhombisa, impisi kanye nomlandi ukuthi afunde izingxenye eziphakathi kwenkulumo.



Masibhale

Phinda uxoxe indaba ilandelane ngokufanele. Sebenzisa la magama.

kwase | ekugcineni | emva kwalokho | okokuqala



Masibhale

Phendula-ke manje le mibuzo.

Wawexwayisa kanjani amazinyane unina?

Unina wawatshela ukuthi aqaphele impisi. Ayezobona ngani ukuthi yimpisi?

Acasha kuphi amazinyane?

| | | |
|---|---|---|
| 1 | 2 | 3 |
| 4 | 5 | 6 |
| 7 *Ibhokisi lewashi* | | |

Yini eyenzeka endabeni engeke yenzeke empilweni yangempela?

1

2

3



ZULU HomeL Gr1 B2 THG.indd 62 2019/07/21 21:48:07

Usuku:


# Amabizoqoqa




Sebenzisa izithombe kanye nemikhondo ukukusiza ukuqedela iphazili. Gcwalisa izikhala ezingezansi ngamabizoqoqa.

**Bheka amabizoqoqa**

Amabizoqoqa angamagama amaqembu noma amaqoqo abantu, izilwane noma izinto ezifanayo. Ezinye zezibonelo zifana nokuthi: **ihlukuzo lamagilebhisi, isixha sezimbali, amalunga omndeni, iqembu labadlali**.





**Ukuya eceleni**
2 iqoqo ______
5 Ihlukuzo ______
7 isixuku ______
10 isixha ______

**Okuya phansi**
1 amalunga ______
3 uhlweza ______
4 inqwaba ______
6 inyanda ______
8 iviyo ______
9 umhlambi ______
11 iqembu ______

**Ukuya eceleni:** 2 lezinkondlo 5 lamagilebhisi 7 sabantu 10 sezimbali
**Okuya phansi:** 1 omndeni 3 lwemali 4 yamatshe 6 yezinkuni 8 lezinsizwa 9 wezinkomo 11 labadlali





## Imishwana yezenzo

Bheka lezi zithombe bese uzisebenzisa ukuqedela imisho elandelayo. Uma usukwenzile lokhu, udwebele isenzo ebinzeni olibhalile lamagama.









| |
|---|
| 1 UMama umthethisile uJabu ngoba u- |
| 2 Ngiyazi ukuthi ubedangele ngoba u- |
| 3 Wabe engumgijimi onekhono futhi e- |
| 4 Bekulusuku lwami lokuzalwa ngakho-ke ngi- |
| 5 Ngiye eholidini futhi nga- |





ZULU HomeL Gr1 B2 TG.indd 63 2019/07/21 21:48:29

# Bhala umdlalo wakho






Sebenzisana nabangani bakho ukudidiyela umdlalo. Gcwalisa ishadi ukuze linisize ngokuhlela umdlalo.

| Abalingiswa<br>Gcwalisa amagama abangani bakho abazolingisa ngamunye. | Chaza abalingiswa. | Umlingiswa ngamunye uzogqokani? | Bazothini abalingiswa? |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |

Njengeqembu xoxani ngamaphuzu endaba eningalibhala, nisebenzise ibalazwe lemibono ukuhlela kahle enikucabangile.




Okokuqala

Kwase


Kwase emva kwalokho

Ekugcineni

# Sibheka ulimi

## Siyini isiqalo?

Isiqalo ingxenye esekuqaleni kwegama ephongozwa esiqwini



Masenze

Bheka isibonelo. Kwenzekani uma uhlanganisa isiqalo nesiqu segama? Igama elisha lisho ukuthini?

| Isiqalo | + | Isiqu | |
|---|---|---|---|
| *isi-* | | *-hlalo* | *= isihlalo* |





Masibhale


Kokelezela isiqalo egameni ngalinye kwalandelayo.

idolo, umuntu, imifula, isinkwa, inyoni, ekhaya, amafu, izitsha, imoto, njengamanzi, amakati, ngangentaba, umthetho, kwaXulu, ngamatshe

Zisho ukuthini lezi ziqalo?

| **Isiqalo** | **Umqondo olethwa isiqalo** |
|---|---|
| umu-(-ntu, -thi) | imvamisa ubunye bamabizo athile |
| izi- (-punu, -thombe) | ubuningi bamabizo athile |
| uku- (-hamba, -thula) | imvamisa isiqalo samabizo angenabuningi |

| **Isiqalo** | **Umqondo olethwa isiqalo** |
|---|---|
| ku- (ubaba) | endaweni - imvamisa kubantu |
| e- (ekhaya, eGoli) | izindawo, sekuxuba nezinamagama |
| njenga- (imbali) | ukuqhathanisa noma ukufanisa |



Masibhale

Bhala imisho emihlanu usebenzise amagama anesiqalo.



ZULU HomeL Gr4 B2 TG.indd 66 2019/07/21 21:48:59

Usuku:

# Siyini isijobelelo?

Isijobelelo yingxenye exhunywa ekugcineni kwegama ukuletha incazelo ethile.






Bheka isibonelo. Kwenzekani uma uhlanganisa umsuka kanye nesijobelelo? Lisho ukuthini igama elisha?

| Igama | + | Isijobelelo | |
|---|---|---|---|
| *Inkomo-* | | *-azi* | *= Inkomazi* |




Kokelezela isijobelelo kula magama alandelayo.

isitshana, amehlwana, umuzana, ingalokazi, ibhukukazi, indabakazi, imbuzikazi, inkosikazi, inkomazi, basizana, kuyahambeka, iyathathwa, uyayimisa, uyamzamela, uyathunywa, bayabuzana, hambisa, bekelela, bukisisa, dumisa, thengela, jamela

Zisho ukuthini lezi zijobelelo?

| Isijobelelo | Umqondo olethwa isijobelelo | Isijobelelo | Umqondo olethwa isijobelelo |
|---|---|---|---|
| (inja)-ana | ubuncane ngomzimba | (shaya) -wa | ukwenziwa |
| (amanzl)-ana | okungekuningi | (phatha )-ana | ukwenzana |
| (ikhala)-kazi | ubukhulu | (funa) -ela | ukwenzela |
| (umalume)-kazi | ubulili besifazane | (lima) -isa | ukwenzisa |




Sebenzisa amagama amahlanu kwangenhla ukwakha imisho

KUTHISHA: Sayina ________ Usuku ________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH6.indd 67 2019/07/21 21:49:09

| NGIYAKWAZI | 🙂 | 🙁 |
|---|---|---|
| ukufunda itekisi eliyindaba. | | |
| ukuphendula imibuzo esuselwe etekisini. | | |
| ukusebenzisa izichasiso ukuchaza abalingiswa endabeni. | | |
| ukugcwalisa ibalazwe lemibono ukuphinda ngixoxe indaba. | | |
| ukubhala indaba esuselwe ebalazweni lemibono. | | |
| ukufunda incwadi yobungani. | | |
| ukwakha uhlelo olususelwe encwadini. | | |
| ukubheka amagama esichazamazwini bese ngibhala izincazelo zawo. | | |
| ukuphendula imibuzo empendulo ziningi. | | |
| ukubhala incwadi yobungani. | | |
| ukubhala i-imeyili. | | |
| ukuphendula imibuzo emayelana ne-imeyili. | | |
| ukukhomba amabizo nezichasiso emishweni. | | |
| ukusebenzisa izichasiso ngaphambili nangemuva kwamabizo. | | |
| ukuqondanisa omqondofana. | | |
| ukuqondanisa amagama namagama anomqondo ophikisayo. | | |
| ukusebenzisa izihlanganiso. | | |
| ukusebenzisa izenzo ezisenkathini edlule. | | |
| ukusebenzisa inkathi yokwenzekile nokuyobe kwenzekile. | | |
| ukufunda okunamakhomikhi (noma amakhathuni). | | |
| ukuxoxa ngohlaka lwezithombe zamakhathuni. | | |
| ukuchaza uhlaka ngalunye lwekhathuni. | | |
| ukuphinda ngibhale imisho ngenkulumo-ngqo. | | |
| ukubeka umbono wami ngesikhangiso. | | |
| ukuhlela isikhangiso sethelevishini nokusibhala. | | |
| ukuchaza isizinda, abalingiswa kanye nendikimba yesikhangiso. | | |
| ukubhala indaba yekhathuni. | | |
| ukuxhuma iziqalo nezijobelelo eziqwini zamagama. | | |
| ukusebenzisa isenzo esiqondile nempambosi yokwenziwa. | | |
| ukufunda umdlalo. | | |
| ukulingisa umdlalo. | | |
| ukuphendula imibuzo emayelana nomdlalo. | | |
| ukufunda iphosta ekhangisa ngomdlalo. | | |
| ukuphendula imibuzo emayelana nephosta. | | |
| ukwakha iphosta ekhangisa ngomdlalo. | | |
| ukubhala umdlalo. | | |
| ukubhala umdlalo weshashalazi. | | |
| ukukhomba isandiso sesimo, sesikhathi, sendawo, sokuvama, sezinga noma sesiqiniseko. | | |
| ukukhomba amabizo nezabizwana okuchazwa yisichasiso. | | |
| ukukhomba izinhlobo zesichasiso: isiphawulo, isibaluli, inani nongumnini. | | |



ZULU HomeL Gr4 B2 THG.indd 68 2019/07/21 21:49:30

Okuqukethwe

# Indikimba 7: Amaqiniso kanye nokususelwe ekhanda



## Ithemu 4: Amasonto 1 - 2
## Kuvele ezindabeni


**97 Obekulahlekile kutholakele** 70

Ubikezela isiqephu sephephandaba esebenzisa izithombe, izihloko, nezihlokwana.
Ufunda isiqephu sephephandaba.
Ukhomba omqondofana endabeni.
Uphendula imibuzo ebhekiswe ephephandabeni.

**98 Ukucabanga ngezindaba** 72

Uphendula imibuzo ngesiqephu sephephandaba.
Usebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho.
Uphendula imibuzo mayelana nesiqephu sephephandaba.
Ubhala inkulumongqo emabhamuzeni enkulumo.
Ubhala idayari esebenzisa amagama athi okokuqala, emva kwalokho, okwalandela, ekugcineni.

**99 Ukubhala isiqephu sephephandaba** 74

Uqedela uhlelo lokubhala ukuze abhale udaba lwephephandaba.
Uqedela imininingwane ngesiqephu sephephandaba.
Uhlola amaphutha, ubukeza udaba aphinde alubhale kahle ekugcineni.

**100 Sibheka ulimi** 76

Ukhomba izenzo.
Uhlukanisa amagama ngamalunga.
Uxoxa ngencazelo yezihloko zephephandaba.

**101 Funda konke ngalokhu** 78

Ufunda isiqephu sephephandaba.
Uqondanisa omqondophika.
Uphendula imibuzo ebhekiswe esiqeshini sephephandaba.
Uphinda axoxe indaba ayilandelanise ngaphansi kwezihlokwana azinikiwe.

**102 Masikhulume?** 80

Wenza inhlolovo kubangani bakhe elungiselela ukubhala isiqephu sephephandaba.
Uqedela uhlelo azolulandela ukubhala udaba lwephephandaba.
Uhlola, abukeze aphinde abhale udaba kahle ekugcineni.

**103 Esikutshelwa yisichazamazwi** 82

Ukhomba imithetho yesichazamazwi efana nokuhlelwa kwamagama ahlahla indlela, amagama akhona kanye nezincazelo zezingcezu zenkulumo.

**104 Usakhumbula?** 84

Usebenzisa isenzo esithile emishweni.
Uqedela imnininingwane yekhadi lezinombolo zezingcingo.
Usebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho.
Uqedela okwenzeka esiphithiphithini.


## Ithemu 4: Amasonto 3 - 4
## Ukuqala esikoleni esisha


**105 UJojo uya esikoleni esisha** 86

Ubikezela okuthile esebenzisa isithombe nesihloko.
Wedlulisa amehlo endabeni.
Ufunda indaba.
Ubhala ithebhula lezimpendulo zemibuzo ebhekiswe endabeni.
Ubhala isiphetho sendaba bese elingisa isiphetho.

**106 Kwenzekani ngoJojo** 88

Ufunda indaba ayiqedele.
Uqhathanisa abalingiswa ababili.

**107 Ukucabanga ngoJojo** 90

Uphendula imibuzo ebhekiswe endabeni kaJojo.
Ubhala idayari ezenza uJojo ukukhombisa ukuthi kwenzekani ngalelo langa.
Ugcwalisa izandiso zokuqhathanisa ezidingekayo.

**108 Ukubhala incwadi** 92

Uqedela uhlaka lokubhala incwadi.
Ubhala incwadi ngaphansi kwezihlokwana azinikeziwe esebenzisa imininingwane yohlelo lokuzobhalwa.

**109 Ukufunda idayari** 94

Ubhala idayari.

**110 Ukubhalwa kwedayari** 96


Uqopha kudayari okwenzeka ezinsukwini ezintathu.
Ugcwalisa izandiso.
Uhlukanisa amagama ngamalunga.
Ugcwalisa izandiso zokuqhathanisa.

**111 Ukusebenza ngolimi** 98

Ugcwalisa izandiso zendawo ukuqedela imisho.
Wakha imisho esebenzisa amabinzana ebizo.
Uqedela imisho esebenzisa amabinzana anezenzo.
Ugcwalisa izabizwana ukuqedela imisho.

**112 Bhala indaba** 100

Uqedela ukubhala uhlaka lokubhala indaba.
Wakha ibhuku lezinto ezisikwayo, ubhala aphinde achaze indaba.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 69 2019/07/21 21:42:45

# 97 Obekulahlekile kutholakele




Funda indaba esephephandabeni bese uzama ukuqagela ukuthi udaba lungani. Yini esiyinikwa yisihloko sodaba, indawo, isigaba esiyisingeniso, isithombe kanye nesihlokwana ephephandabeni?

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

Igama lephephandaba

# UM-AFRIKA

28 Mandulo 2015

Usuku

## AMANTOMBAZANYANA AZIWAYO ESIKOLENI ALAHLEKILE ABUYE ATHOLAKALA

Isihloko

Zinhle Mthembu

Bhala udaba lwakho

Indawo

**eThekwini**

Umbhali wodaba isingeniso sodaba

**Izolo abantwana ababili besikole iGreenway samabanga aphansi balahlekile, batholwa ngamaphoyisa kamuva.**

Abafundi besikole iGreenway Primary bebanga lesi-4 abangama-50 bavakashele iDurban Beach Front Amusement Park. Abafundi bahanjiswe yisikole ukuyobhala ukuhlolwa okubizwa nge-ANA.

UThishanhloko waseGreenway, uNkk Shirley Ntuli wathi abantwana ababili beBanga lesi-4 bavakashiswa yisikole ngenxa yokwenza kahle ekuhlolweni okubizwa ngo-ANA. "Abafundi bebanga lesi-4 o-A no-B ngamakilasi asebenze kahle esikoleni," kusho uthishomkhulu eziqhenya. "Amamaki abo akhuphuke ngamaphesenti angama-36 ebangeni lesi-3 afinyelela eqophelweni lamaphesenti angama-68 ebangeni lesi-4."

Abafundi bakhombise ukwenza ngcono olimini. Omunye wawothisha bebanga lesi-4, uMnu Keith Brown, wathi, "Ngigqugquzela ikilasi lami ukuthi lisebenze ngokuzikhandla ngonyaka, kanti amamaki anjena aveza khona ukusebenza kanzima."

"Sibe nomkhankaso obubizwa ngokuthi



*Amantombazana esikole abelahlekile atholwa nguKhonstebuli Shozi*

Isihloko

**Isonto-lokufunda-incwadi**. Ngiye ngaqiniseka ukuthi abantwana bayaya emtatsheni wezincwadi," kusho uthisha webanga lesi-4, uNkk Elsie Myeza. "Lokhu kubasizile ukuthi bakhuphule amamaki ngamaphesenti angama-20," kusho yena



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 70 2019/07/21 21:42:57

**ngokuziqhenya.**


**Kulahleke amantombazana**

Abafundi bebanga lesi-4 bebehambe nesikole baya epaki ebhishi laseThekwini. Ngeshwa amantombazana amabili, oNomsa Shabalala no-Ann Smith, balahleka.

Atholakale emva kokuthi ecele usizo ephoyiseni lesifazana lakhona epaki. UNomsa uthe, "Bengethuke kakhulu ngithi abanye sebehambe nebhasi basishiya." U-Ann yena wathi, "Bekuqala ukuba mnyama, sesingasaboni kahle." Amantombazana alahlekelane neqoqo labanye abafundi abehamba nalo. Emva kokuwathungatha kakhulu, abone iphoyisa lesifazana acela ukuthi liwasize.

"Baningi abantwana abalahlekayo epaki ngoba basuke bajatshuliswe ukugibela izinto zokudlala bakhohlwe ukuhamba ndawonye nawothisha noma nabazali. Ngixhumane nabangani bami bangitholela iqoqo labafundi baseGreenway, sawabuyisela emuva lapho kuphephe khona amantombazana masinya," kusho uKhonstebuli Shozi onekhono elihle emsebenzini wakhe.

Ukuhlolwa okubizwa ngo-ANA kuhlala kwenziwa ngoNcwaba kubantwana bebanga loku-1 kuze kuyofinyelela kwelesi-6, kuphinde kube ngelesi-9 iNingizimu Afrika yonke. Imiphumela ikhonjiswa uMnyango Wezemfundo, ukuze ubone ukuthi yiziphi izingxenye zohlelo lwemfundo ezidinga ukulungiswa zifundiswe kangcono futhi.




Sisebenza ngamagama

Thola amagama angomqondofana noma amagama asendabeni anomqondo ocishe ube nencazelo efana nala alandelayo.

| | |
|---|---|
| ukuthola | |
| ikhono | |
| ukuzuza | |
| ukuziqhenya | |
| ukuncoma | |
| ukuqhubeka | |



Masibhale

Gcwalisa imininingwane elandelayo.

| | |
|---|---|
| Yini igama lephephandaba? | |
| Iyiphi ingosi yombhali? | |
| Yenzeka kuphi indaba? | |
| Sithini isihloko sendaba? | |
| Iphephandaba elangaluphi usuku? | |
| Simele maphi amagama isifinyezo esithi ANA? | |

KUTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 71 2019/07/21 21:43:02

# Ukucabanga ngezindaba








Masibhale

Funda iphephandaba.

Kwenzekani?

Kwenzeke nini?

Bekungani isikole sithathe uhambo?

Ngubani owalahleka?

Ngubani owathola amantombazana?

Yini eyadala ukuba amantombazana alahleke?



Masibhale

## Izihlanganiso

Sebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa le misho.

ngoba | kwase | ngaphambili | futhi | kodwa

| | | |
|---|---|---|
| Iklasi lebanga lesi-4 laklonyeliswa. | Iklasi lebanga lesi-4 lenza kangcono lathola amamaki angconywana. | ngoba |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| Bafuna uthisha wabo. | Bacela iphoyisa ukuba libasize. | ngaphambili |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| UNomsa wathanda uzwingi ozungezayo. | U-Ann wathanda kakhulu isondo elikhulu. | kodwa |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| U-Ann wasebenza kahle ezibalweni. | Wasebenza kahle nasolimini. | futhi |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| Basebenza kabi ebangeni lesi-3. | Basebenza kahle ebangeni lesi-4. | base |
| | | |



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 72 2019/07/21 21:45:03

Usuku:




Bheka indaba yephephandaba ekhasini eledlule.
Gcwalisa ngemininingwane enikezwe umuntu ngamunye.



| Igama | Ungubani ngokwendaba? | Utheni? |
|---|---|---|
| Nkk Ntuli | | |
| Mnu Brown | | |
| Nkk Myeza | | |
| UNomsa | | |
| U-Ann | | |
| Nkk Shozi | | |

Bhala phansi konke okushiwo umuntu ngamunye lapha.



Fingqa indaba esekhasini lama-70 ngamagama angedluli kwangama-20 kuya kwangama-25. Sebenzisa la magama:
*okokuqala* *emva kwalokho* *kwase-* *ekugcineni*



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 73 2019/07/21 21:43:06

# 99 Ukubhala udaba sephephandaba



Masibhale

Manje usuzobhala indaba yakho ezongena ephephandabeni. Uthanda ukubhala ngani? Sebenzisa lolu hlaka-lwembu ukuhlela ukubhala indaba yakho.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzameni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

Bhala isihloko sodaba

Kwenzekeni?

Ubani obebandakanyeka?

Yenzeke nini?

Yenzeke kuphi?

Kungani yenzekile?

Iphethe kanjani?

Qedela lokhu ngendaba yakho.

| | |
|---|---|
| Igama lephephandaba | |
| Usuku lwephephandaba | |
| Indawo yesehlo | |
| Ingosi yombhali | |

Cela umngani wakho akulungisele amaphutha alokho okubhalile. Manje lungisa konke bese ubhala indaba yakho ezikhaleni ezisekhasini elilandelayo.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 74 2019/07/21 21:43:23

# Sibheka ulimi






**Sibuka izingasenzo**

Lana ngamagama athi awafane nezenzo. Isingasenzo naso sisebenzisa izivumelwano zenhloko. Sona asikwazi ukuzimela, kodwa sisebenza nesinye isenzo.


Izibonelo: -mane, -simze, -vele, -fike, -yaye



Masibhale

Dwebela izingasenzo emshweni ngamunye kwelandelayo. Bese ukokelezela izenzo ezizisizayo. Ekugcineni, shintsha le misho ibe yimibuzo.

| | |
|---|---|
| Uvele ahambe. | Kanti yena uvele ahambe? |
| UJama uqale asebenze bese ephumula. | |
| Mina ngimane ngihleke noma bengiqala. | |
| Ubaba uyangifundisa abuye angeluleke. | |
| Kufanele senze umsebenzi wesikole. | |
| Kumele sihambe siye ekhaya. | |
| UFana ulokhu esebenza noma selishonile. | |
| Phela cishe salimala endleleni. | |
| Umama uphinde apheke ekhishini. | |
| Isiguli sinele siphuze umuthi sibe ngcono. | |
| Mina kade ngifunda incwadi emnandi. | |
| Lingahle line ebusuku. | |



Sisebenza ngamagama

Hlukanisa la magama ngamalunga usho ukuthi lilinye linamalunga amangaki.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| u/ya/vu/ma | 4 | uyangifundisa | | ngiyababona | |
| ukubabaza | | izihlanganiso | | masisebenze | |



ZULU HomeL Gr4 B2 TE7.indd 76 2019/07/21 21:45:49


Usuku:




Bheka izihloko ezilandelayo bese uxoxa nomngani wakho ngalokho ezingahle zikusho.

# UMLILO UBHUBHISA ISAKHIWO






# IMVULA IDALA UMONAKALO

# Abantwana bathutheleka esikoleni

# Ukuzamazama komhlaba kunyakazisa isigodi




Buka isithombe ngasinye kulezi. Bhala isihloko esifanele, bese usho ukuthi isithombe sichaza ukuthini.



Isihloko

Umdwebo



Isihloko

Umdwebo



Isihloko

Umdwebo



Isihloko

Umdwebo

IZINDABA ZANAMUHLA

5 Mfumfu 2015

# IZINGQWELE ZACISHE ZEHLULWA

Ngu-Ansi de Beer

**ECape Town kunababfana ababili abacishe babulawa wupharafini emva kokunqoba emdlalweni webhola lezinyawo. Laba bafana bobabili baphuze upharafini becabanga ukuthi ngamanzi.**

UPierre Cilliers oneminyaka eli-10 nomngani wakhe oneminyaka eli-11, uJabu Zondo, bebejabule emva kokushaya amagoli emdlalweni webhola lezinyawo obusesikoleni iNew Town namuhla. Emva komdlalo babuyele ekhaya bobabili. Unina uNkk Zondo ongumthungi ubengekho esemsebenzini ngenkathi bebuya. Bafike endlini kushisa abafana, babona kungcono ukuthi benze isiphuzo samawolintshi. Ngephutha elikhulu bathele upharafini esikhundleni sokuthela amanzi. Upharafini lo ubusebhodleleni elikhanyayo kodwa lingenamaka kapharafini, abafana bebecabanga ukuthi amanzi.

Kuthe uma beqala ukugula, wazihudula uJabu wayofuna usizo komakhelwane. UMnu Shozi, ongumakhelwane, wacabanga masinyane washayela ucingo abesizinda eseluleka ngoshevu. "Ngibonile ukuthi banopharafini ezingutsheni kanye nasesikhunjeni. Bakhale ngobuhlungu besisu futhi. Ngiphuthumile ngabahambisa esibhedlela. Kubasindisile lokho," kusho umakhelwane onomusa.

UDkt Zuma okunguyena owahlenga abafana uchaze wathi, "Abantu abazi ukuthi upharafini uyingozi enkulu. Uma uwugwinya, ungadala ukugula okukhulu, ngisho nokufa imbala."

Akufanele neze upharafini uthelwe ebhodleleni elingaphawuliwe. Uma umntwana ephuze upharafini kufanele aphuthunyiswe kudokela noma emtholampilo uma kwenzeka. Okusemqoka: ungalingi unikeze umntwana into edliwayo noma ngaphambi kokusiwa esibhedlela.

Upharafini uyingozi enkulu nangezinye izindlela. Udala izingozi eziningi zomlilo emakhaya. Unobushevu kanti futhi udala amalangabi. Uma usebenzisa izinto ezisebenza ngopharafini njengestofu, noma isibani, akufanele kusale kodwa ngenkathi kusebenza. Kufanele kubekwe endaweni ephephile lapho kungeke kuwe khona. Izinto ezisebenzisa upharafini njengazo izitofu nezibani akufanele zibekwe lapho zinokuwiswa khona izilwane noma izingane. Ekugcineni, uma usebenzisa into esebenza ngopharafini ekhaya lakho, kufanele uhlale unebhakede elinenhlabathi. Amanzi awakwazi ukucima upharafini. Eqinisweni, amanzi ayawubhebhethekisa umlilo. Umlilo odalwe upharafini ucishwa ngenhlabathi noma ngabezicishamlilo.



*Emva kokushaya amagoli nokunqoba umdlalo, abafana bahlangabezana nembibizane.*



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 78 2019/07/21 21:44:27

Usuku: ____________




Dweba umugqa uqondanise amagama asohlwini olungaphezulu kanye namagama angomqondophika asohlwini olungezansi.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ngengozi | ijubane | zumeka | ukuhlonipha | ubudlabha |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ubunono | ukwedelela | phaphama | ukutotoba | ngenhloso |




Funda indaba esephephandabeni ikhasi lama-78 bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Yini igama lephephandaba? | |
| Sithini isihloko sendaba? | |
| Ngubani umbhali wendaba? | |
| Iphephandaba livele ngaluphi usuku? | |
| Yenzeke ngaluphi usuku ingozi? | |
| Yenzeka kuphi le nto? | |
| Zithini izihlokwana zephephandaba? | |
| | |




Phinda uxoxe indaba emayelana nobungozi boshevu. Sebenzisa amagama angezansi uma ezokusiza.

Okokuqala ____________________

____________________

Kwase ____________________

____________________

Emva kwalokho ____________________

____________________

Ekugcineni ____________________

____________________

____________________

____________________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 79 2019/07/21 21:44:43

# Masikhulume?






Bhala indaba yephephandaba ngenkinga ethile evele endaweni yangakini.

Xoxa nabangani bakho ngezinkinga ezivama ukuba khona endaweni. Yisho ezimbalwa bese ucela abangani nabo bakutshele ezabo uma zikhona ngakubo. Faka umbala esikhaleni esiqondene nalapho bevuma khona ukuthi inkinga enjalo ikhona.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzameni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **5** | | | | | |
| **4** | | | | | |
| **3** | | | | | |
| **2** | | | | | |
| **1** | | | | | |
| | **Umlilo** | **Ushevu wasendlini** | **Ukuphepha emgwaqeni** | **Izingozi zamanzi** | **Ukuhlukunyezwa kwezingane** |

Sebenzisa leli balazwe lemibono ukulungiselela indaba yakho yephephandaba.



| **Bhala isihloko sendaba yakho** | | |
|---|---|---|
| | | |
| Kwenzekeni? | Ubani obandakanyekayo? | Kwenzeke nini? |
| Kwenzeke kuphi? | Kungani kwenzekile? | Kuphethe kanjani? |

Cela abangani bakho ukuba bakuhlelele indaba yakho. Manje lungisa okufanele, bese ubhala indaba yakho esikhaleni esisekhasini elilandelayo.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 80 2019/07/21 21:44:54

# Isichazamazwi






Esibonelweni sesichazamazwi esifakiwe uzobona ukuthi sisebenza kanjani.

Isichazamazwi sinikeza incazelo yamagama.

a b c Dd e Ff g h i j k l m n o p q r s t Uu v w x y z

**daca** (szk)-

1.Ukuwa kokumanzi okuthambile.

Isibonelo: *Iduku abekade eqeda ukuliwasha lithe daca phansi.*

2.Ukuphaka ukudla okuncane

Isibonelo: *Ungithe daca ngesitambu*

***ubudacadaca***(bz)-

into emanzi kakhulu.

Isibonelo: *Izingubo ziwe phansi kwaba ubudacadaca.*

***ukudacaka***(sz)-

ukuwa kokuthize okumanzi

Isibonelo:*Izingubo zapheshulwa umoya zadacaka phansi*

***ukudacaza***(sz)-

ukuwisa okumanzi okuthambile

Isibonelo: 1.*Izingubo abeziwashile uzidacaze phansi.*

*2.Ukuphaka ukudla kancane*

Isibonelo: *Uthe uyangiphakela wavele wangidacaza ngesitanjana*



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 82 2019/07/21 21:45:05

**udaba**-(bz)-

1. Okukhulunywa ngakho, okuxoxwayo, ingxoxo, inkulumo

isi**dabane (bz)-**

ubhanana wasendle

**idabe**(bz)-indawo eyixhaphozi enamanzi amile, u(lu)bishi noma, u(lu)bhuku

**faca**(szk)-

ukucindezeleka kube nesigojana, ukufocoka, ukubocoka, ukupotoka

Isibonelo: *Imoto yakhe ithe faca esicabheni kayilimele kakhulu.*

*isi***faca**(bz)-

Isigojana esihlathini, indawo epotokile noma eshone phakathi.

*uku***facaka**(bz)-

1. ukufocoka kwento ethambile uma icindezelwe, ukupotoka.

Isibonelo: *Unyathele ithini lafacaka*

2.Ukucindezela kube nesigojana







ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 83 2019/07/21 21:45:08

# Usakhumbula?





Masibhale

Gcwalisa igama elifanele ukuqedela le misho.

| | |
|---|---|
| -lokhu<br>-de | ________ ngibhekile ukuthi uzofika.<br>________ ehlaselwa wumkhuhlane njalo. |
| -vame<br>-yaye | ________ ukungibona ngidlula ngakubo.<br>________ babuye sekushone ilanga. |
| -simze<br>-vame | ________ athule uma engenayo impendulo.<br>Izilwane zasentabeni ________ ukuba yingozi. |
| -lokhu<br>-de | Lezi zingane ________ zingibuka nje.<br>Izulu ________ libaneka noma lingadumi. |
| -mane<br>vele | Lo mfana ________ uyethuka nje ngobala.<br>________ ngizoba khona emdlalweni. |
| -sale<br>-yaye | ________ esengipha mahhala izicathulo ngoba zingalingani muntu.<br>Umkhulu ________ abase umlilo ntambama. |
| -mane<br>-vame | USenzo ________ ahleke noma into ingahlekisi.<br>Izulu ________ ukuna ligugule inhlabathi. |
| -de<br>-damane | UDudu ________ engibuza ukuthi sikhathi sini.<br>Umntwana omncane ________ ekhala nje kungekho sizathu. |

## Uhlu lwami lwezinombolo zokuphepha



Masibhale

Thola izinombolo ezifanele bese uzigcwalisa ngendlela efanele.



| | |
|---|---|
| Amaphoyisa | 10111 |
| I-Ambulense | 10177<br>112 uma usebenzisa iselula |
| Mayelana noshevu | Gauteng: 0800 111 229 (inombolo yamahhala)<br>KwaZulu-Natal: 0800 333 444 (inombolo yamahhala)<br>Ezinye izifunda: 021 9316129 |
| Umnyango wabantwana | 0800 055 555 (Inombolo yamahhala)<br>0800 123 321 (Imini nobusuku inombolo yamahhala) |
| Abazali bami | |
| Umuntu engimethembayo | |
| Abanye | |




ZULU HomeL Gr1 B2 TH7.indd 84 2019/07/21 21:45:42



## Masibhale

Hlanganisa imisho ehamba ngamibili usebenzise elilodwa kula magama alandelayo. Bhala imisho yakho ezikhaleni ezinikeziwe ngezansi.

futhi | ngoba | ngakho-ke | kodwa



| UJabu uthanda amawolintshi. | Uyawuthanda nojusi kamango. |
| --- | --- |
| | |

| Sihlala eduze nesikole. | Ngihamba ngezinyawo uma ngiya esikoleni. |
| --- | --- |
| | |


| Ulokhu elahleka. | Akanalo ibalazwe. |
| --- | --- |
| | |

| Ngiyathanda ukufunda izincwadi. | Angikuthandi ukufunda izincwadi zamahlaya. |
| --- | --- |
| | |



## Masizithokozise

Siza owesicishamlilo ukuba athole indlu eshayo.





ZULU HomeL Gr1 B2 TH7.indd 85

2019/07/21 21:46:00

# UJojo uya esikoleni esisha



**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo. ● Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



## Masikhulume

Bheka isithombe nesihloko saleli khasi bese uxoxa ngokuthi ubona indaba kumele ibe mayelana nani. Yedlulisa amehlo endabeni ngokufunda umugqa wokuqala nowokugcina kuphela esigabeni ngasinye.

Xoxa ngokuthi ucabanga ukuthi kunjani ukufika esikoleni esisha.





## Masifunde

Funda le ndaba engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UJojo wayehlukumezeka esikoleni. “Ngizeleni kulesi sikole kodwa?” kusho yena ehlala phansi efihla ubuso ngezandla. “Laba bantwana balapha baluhlaza!” Ngonyaka odlule uJojo kudingeke ayohlala noyise eGoli. Washiya unina nodadewabo emuva eLimpopo. Washiya isikole sakhe sendawo kanye nabo bonke abangani bakhe esikoleni. Manje usehlala eGoli, ufunda esikoleni esikhulu esinabantwana abasondela e-1000.

Ngenkathi uJojo efika esikoleni esisha, abantwana baqala ngokumbuka kabi. IsiNgisi sakhe sasingesihle kahle ngoba wayengazange asikhulume esikoleni ayesuka kuso. Abantwana babemgcona njalo, bebona ukuthi mncane futhi ufaka izibuko ezilugqinsi. Esikoleni esidala abantwana babehloniphana noma ngabe banjani. Wayesekhumbula abangane bakhe. Wayekhumbula futhi unina nodadewabo.

Wonke umuntu esikoleni esisha wayebukeka emkhudlwana kunoJojo. Babenekhono futhi kwezemidlalo. Nakuba uJojo wayengalidlali ibhola lezinyawo, kodwa wayelazi. Wayevame ukubuka imidlalo emikhulu kumabonakude. Wayebazi bonke abadlali, azi konke futhi ngemidlalo. Imidlalo yayingabalulekile kangako esikoleni sakhe esidala, kanti vele wayengenayo nemali yokuthenga izicathulo zakhona. Kulesi esisha, imidlalo kwakuyinto ebaluleke kakhulu. Uma udlala kahle wawuthandwa yibo bonke abantu. Uma ungadlali kahle wawuyinto yokugconwa sonke isikhathi.



Ngenye intambama abantwana baya enkundleni yemidlalo. UJojo wama wababuka, wafisa ukuhamba nabo. Akakwazanga kodwa. Wayeseya ekhaya. Wahamba ngendlela ayevame ukuhamba ngayo



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 86 2019/07/21 21:46:55

edlula ebhulohweni, idlule esitolo sezinto zezemidlalo, adlule eWimpy bese enqamula enkundleni. Kwathi uma ewela ibhuloho, wavinjwa yiqoqo labafana elinendluzula.

Oyedwa walaba bafana abanendluzula wabamba isikhwama sakhe. Baqala ukunqakisana ngaso. UBruce owayemkhulu kunabo bonke esikoleni, washaya izibuko zikaJojo, zawa. Wayesezicosha wabaleka nazo. UJojo wamncenga ukuthi azibuyise. "Ngicela uzibuyise, angiboni ngaphandle kwazo," kuncenga uJojo. Wavele wazijikijela emgwaqweni uBruce. Wafola uJojo wazicosha. Yinhlanhla. Wayecabanga ukuthi ziphukile, kanti cha. Ngenhlanhla zaziwele ekhadibhodini elavimba ukuthi zephuke ngoba lithambile.



UJojo wathatha isikhwama sakhe nezibuko. Wayesecosha nebhokisi lakhe. Kwaba lukhuni nje kulesi sikole. Wasixukuza. Kukhona into eyayiphakathi esikhwameni.



Masibhale

Qhathanisa indlela uJojo ayephila ngayo ekuqaleni nendlela asephila ngayo manje.

| | Isimo sangaphambilini | Isimo samanje |
|---|---|---|
| Umndeni | Wayephila nomama nodadewabo. | Wayehlala noyise. |
| Isikole | | |
| Ulimi | | |
| Abangani | | |
| Umdlalo | | |
| Imizwa | | |



Masilingise

Xoxa ngokuthi ucabanga ukuthi indaba izophetha kanjani. Yakha isiphetho bese usilingisa.



Masibhale

# Kwenzekani ngoJojo




Masifunde

Funda indaba yonke. Uma sewuyiqedile, bheka ukuthi ngubani onesiphetho esifana nalesi.



UJojo waxukuza ibhokisi futhi. Walibhekisa phansi ezama ukuthola ukuthi ngelikabani. Walivula kahle nje, wamangala ukuthola izicathulo zebhola lezinyawo. Waqalaza ebheka okufanele ukuthi uziwisile. Wazama ukugqoka esisodwa isicathulo. Samlingana kahle. “Akusizi ngalutho lokhu,” kucabanga yena. “Sinye kuphela lesi sicathulo.”

Ngaleso sikhathi, kwafika umninisitolo wamjikijelela esinye isicathulo. “Asinakuzithengisa lezi zicathulo,” kusho yena. “Sizisebenzisela abathengi ukuthi balinganise ngazo,” kusho yena. “Leli pheya lincane ngangokuthi ngeke nanini sikwazi ukulithengisa.”

UJojo wasicosha isicathulo. Kwakungesakwesokunxele. “Ziyangilingana!” kusho uJojo ngokuthakasa, esho ezifasa.

“Zithathe-ke!” kusho umninisitolo. “Kuzofika ezintsha kusasa, kanti ngehora lesithathu namuhla kuzofika uBig Ben umpetha webhola lezinyawo esikoleni iBears esise-England. Uzokhangisa. Ngifuna ukukhuculula isitolo.”

Ngaleso sikhathi, wafika uBig Ben.



“Sawubona mfanyana!” kusho uBig Ben. “Ngizobe ngiqeqesha iqembu labafana esikoleni esikhona lapha eduzane. Uzoba khona?”

“Ngeke ngibe khona, Mnumzane,” kusho uJojo. “Angilidlali kahle ibhola lezinyawo. Empeleni anginakhono lalutho, Mnumzane.”

“Hhayi suka, ungubani igama?” kubuza uBig Ben.

“NginguJojo, Mnumzane.”

“Hhayi bo, Jojo, uzokwazi!” Wayengakazi nokuthi uzothini uJojo, uBig Ben wayesehamba naye beqa ibhuloho bawelela enkundleni yezemidlalo.

“Wenzani khona lapha?” kubuza umqeqeshi, ebheka uJojo.

“UJojo ufike nami. Uzodlalela mina.” Kusho uBig Ben. “Woza, Jojo, ngifuna udlale sengathi ungumpetha. Uhlale ulibhekile ibhola njalo, ukhumbule futhi, unezicathulo eziyisimanga.”



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 88 2019/07/21 21:47:20



UJojo wafaka izibuko waqala ukudlala ibhola.

Kwaba sengathi izicathulo zakhe sezizidlalela zona manje ibhola. Wagijima nalo elikhahlela kwachwaza izibukeli, zathi, "Jojo! Jojo!"

Wehluleka ukulidlulisa uJojo. "Hhayi Jojo, hhayi. Zisebenzise izicathulo zakho eziyisimanga!" kumemeza uBig Ben.

UJojo walishaya igoli. Washaya elinye futhi.

UBig Ben wabeka ingalo yakhe emahlombe kaJojo wathi, "Waze wadlala kahle, mfanyana. Uyakwazi ukusebenzisa lezo zicathulo. Hlala udlala njalo uzejwayeze."

UBruce nabafana abayiziqhwaga nabo babuka. Abazange bawakholwe amehlo abo.

"Jojo," kusho uBig Ben, "kubukeka sengathi nguwe isilomo sale ndawo, kodwa into okungukuphela okumele uhlale uyikhumbula yindlela ocabanga ngayo ngawe," kwasho yena ekhomba ikhanda likaJojo.

Kwamangala umqeqeshi. "Wadlala kahle, Jojo. Uzolidlalela iqembu lethu?" kubuza yena.

"Ngingajabula, Mqeqeshi," kusho uJojo. "Anginankinga."

"Kumele nginamathele ekuthini ngizibona kanjani mina uqobo," kunyenyeza yena. Noma ngabe yini ayeyenza, konke lapho ayehamba khona uJojo, wayezwa sengathi ugqoke izicathulo eziyisimanga.





Masikhulume

Qhathanisa ukuziphatha kukaBruce oyisiqhwaga kanye noBig Ben ongumdlali webhola lezinyawo.

- Sazi kanjani ukuthi uBig Ben wayengumuntu onakekelayo?
- Thola udwebele imisho endabeni ekhombisa ukuthi uBig Ben wamgqugquzela kahle uJojo.





ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 89 2019/07/21 21:47:30

# Ukucabanga ngoJojo






Funda ngokucophelela indaba ngezicathulo zebhola zikaJojo bese uphendula imibuzo elandelayo.



| | Kungani uJojo engajabulanga ekuqaleni kwendaba? |
|---|---|
| A | Ubengenazo izicathulo zokudlala ibhola. |
| B | Ubengekho eqenjini. |
| C | Ubengenalo ikhono lokudlala ibhola. |
| D | Abafana abadala bebemhlukumeza. |

| | Uthini umyalezo wale ndaba? |
|---|---|
| A | Ubozibalekela izinkinga |
| B | Zethembe |
| C | Yilwa neziqhwaga |
| D | Ungathembi muntu |

| | Kungani umninistolo alahlela ngaphandle izicathulo zebhola? |
|---|---|
| A | Bezihlephukile. |
| B | Ubenesicathulo esisodwa. |
| C | Ubengasazithandi. |
| D | Bese zilinganiswe kakhulu engasakwazi ukuzithengisa. |

| | Uhambe ngayiphi indlela uJojo ukuya ekhaya? Udlule … |
|---|---|
| A | Ebhulohweni, eWimpy, esitolo, enkundleni |
| B | Ebhulohweni, esitolo, enkundleni, eWimpy |
| C | Ebhulohweni, esitolo, eWimpy, enkundleni |
| D | Ebhulohweni, enkundleni, eWimpy, esitolo |

Sebenzisa uphawu [✓] emagameni achaza kangcono indlela uBig Ben noBruce abaziphatha ngayo.

**uBig Ben**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ulungile | ✓ | | | unonya |
| uhlakaniphile | | | | uyisilima |
| ujabulile | | | | udiniwe |
| unosizo | | | | akanalo usizo |
| unesibindi | | | | uyigwala |
| unamandla | | | | untekenteke |

**uBruce**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ulungile | | | ✓ | unonya |
| uhlakaniphile | | | | uyisilima |
| ujabulile | | | | udiniwe |
| unosizo | | | | akanalo usizo |
| unesibindi | | | | uyigwala |
| unamandla | | | | untekenteke |

Bhala imisho emibili ngoBig Ben nokuthi wenza kanjani ukuthi uJojo aphatheke kahle.

1 

2 





ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 90 2019/07/21 21:47:37

Usuku:

Iguquke kanjani indlela abezizwa ngayo uJojo endabeni?

*Ekuqaleni kwendaba uJojo wazizwa e-…*

*ngoba*

*Kwathi ekugcineni*



**Masibhale**


Yenza sengathi unguJojo. Bhala idayari ukhombise lolu suku. Qala usho indlela aphatheke ngayo uJojo endabeni, bese uchaza ukuthi kwenzekani ngenkathi uBig Ben eya naye enkundleni yebhola lezinyawo. Bhala idayari ngenkathi edlule, usebenzise umlandi ongumuntu wokuqala.

*Dayari othandekayo* *Usuku:*



**Izandiso zamaqophela okuqhathanisa**

Sewuyazi ukuthi **isandiso** yigama elikutshela kabanzi ngesenzo. Izandiso zichaza ukuthi isenzo senzeke kanjani. **Izandiso** zingasetshenziswa ukuqhathanisa izinto futhi.

- Sisebenzisa igama kakhudlwana uma into ingaphezulu kwenye eyodwa.
- Sisebenzisa igama kakhulu uma ingaphezulu kwezinye eziningi.



**Masibhale** Gcwalisa.

| | | |
|---|---|---|
|  *siyatotoba* |  ____________ |  *litotoba kakhulu* |
|  ____________ |  *agijima kakhudlwana* |  ____________ |



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 91 2019/07/21 21:47:51

Usuku:



Masibhale


Manje sebenzisa ibalazwe lemibono ukukusiza ukubhala incwadi kaJojo eya kumngani wakhe.

Sebenzisa uhlakalwembu, izithombe kanye nemibono esikunike yona epharagrafini ngayinye. Bhala incwadi ibe umzamo wokuqala bese ucela umngani akufundele yona. Emva kwalokho yibhale ekhasini ngobunono.

Gcwalisa ikheli lakho

Usuku

1



*Thoko othandekayo*


Yisho ukuthi ubujabhe kanjani uma uhamba ekhaya nasesikoleni.

2



Chaza isikole sakho esisha, izingane nokuthi uzizwa kanjani.

3



Chaza ukuthi kwenzekeni uma iziqhwaga zikuphuca izibuko zakho.

4



Yisho ukuthi wenze kanjani uNtando ukuba uzizwe kangcono.

*Yimi umngani wakho*

Gcwalisa igama lombhali wencwadi

KUTHISHA: Sayina Usuku



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 93 2019/07/21 21:48:10

# 109 Ukufunda idayari




Namuhla ngidlale umdlalo webhola. Sinqobe ngamaphuzu ama-2. Emva kwalokho umama wayodla nathi eWimpy. Ngithenge ibhega. Ngibone uBongi nomfowabo.

Kwase kuthi emva kwalokho, cishe ngehora lesi-4 ntambama, savakashela umzala wami uMusa. Sadlala ikhilikithi emva kwendlu. Ngithe uma sengishaya okwesi-6 wangikhipha. Bekuwusuku olumnandi.

Qala ipharagrafu ngayinye ngegama elisho isikhathi.


Sebenzisa umuntu wokuqala "Mina".


Yisho ukuthi ngubani, owenzeni, nini, kuphi.






Funda idayari ebhalwe ngumngani kaJojo osemakhaya, emva kwalokho ufunde idayari ebhalwe nguCharlie, omunye umngani kaJojo.





*Dayari othandekayo*

*Namuhla ngivuke ekuseni kakhulu. Ngisize ugogo wami ngokumkhelela amanzi empompini ngabe sengiphuthuma ukuyogibela ibhasi. Bekubuhlungu ukuya esikoleni ngishiya ikati lami elihle engiliphiwe umakhelwane wethu. Bengithanda ukuhlala ekhaya ngidlale nekati lami.*

*Uma ibhasi lethu lisahamba libheke edolobheni, umshayeli webhasi wathola ukuthi ithayi lebhasi liphantshile. Kwadingeka ukuthi sime ukuze kushintshwe ithayi lebhasi. Abagibeli abaningi kubacasule lokhu ngoba bebona bezofika emva kwesikhathi emsebenzini. Kubacasule kakhulu ukuthi umshayeli athi akanalo futhi isondo eliyisipele, nokuthi ibhasi ebelizobathatha liqhubeke nabo lizofika emva kwehora nohhafu. Mina angicasukanga. Ngibuyele ekhaya ngayodlala nekati lami.*

*uSara*



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 94 2019/07/21 21:48:21

Dayari othandekayo

Ngibe nosuku oluthokozisayo kakhulu namuhla. Sihambe nesikole saya eCradle of Humankind esifundeni saseNorth west. Kusithathe cishe ihora ukufika khona. Sibone imihhume yaseSterkfontein kanye nezindawo lapho kwatholakala khona amathambo kaNkk Ples noLittle Foot. Lawa ngamathambo aneminyaka eyizigidi ezingama-3,3 ubudala. Lokhu kwenze sengathi usuku lwami lokuzalwa alubalulekile.

Siphatheke kabi uma sesibuyela ekhaya. Bekungathi imoto ihamba undendende ngaze ngaqala ukugodola. Ngeshwa bengishiye ijezi lami lapho besivakashele khona. Umama kumthukuthelisile lokhu.

UCharlie





KUTHISHA: Sayina ________ Usuku ________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 95 2019/07/21 21:48:27




## Izandiso zokuqhathanisa



Khetha igama elifanele ukugcwalisa imisho, usebenzise la magama.

kakhulu; ngokushesha; kakhulu; masinya; kamuva; kakhulu; eside; amaningi;

Inkunzi yagijima ______________ kunoJojo.

Ngizofika ______________ kunawe esikoleni.

UZozo mude ______________ kunoDube.

USara ufike esitolo ______________ kunami.

Silinde isikhathi ______________ namuhla kunayizolo.

Libalele namuhla ______________ kunangeSonto.

Ngithole amamaki ______________ kunomzala wami.

Ihlobo linemvula eningi ______________ kunentwasahlobo.




Hlukanisa la magama ngamalunga. Yisho ukuthi linamalunga amangaki.

Emva kokuhlukanisa la magama, wasebenzise emishweni ezwakalayo.

| | | |
|---|---|---|
| ka/hle | **2** | |
| ngokuhlakanipha | | |
| ngokuhehayo | | |
| ngomdlandla | | |
| ngokubhidliza | | |
| ngomusa | | |
| ngejubane | | |
| kamnandi | | |
| kamuva | | |

KUTHISHA: Sayina ______________ Usuku ______________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 97 2019/07/21 21:48:55

# Ukusebenza ngolimi



## Isandiso sendawo

Masibhale

Isandiso sendawo sichaza ukuthi into yenzeka noma izokwenzeka kuphi. Gcwalisa ngesandiso sendawo kwezingezansi ukuqedela le misho. Sebenzisa igama kanye kuphela.

esitezi | yonke indawo | eduzane | phandle | ngaphakathi | lapha

| |
|---|
| Ungadlaleli endlini. Hamba uyodlala ______ . |
| Ucingo lwami ngilufune ______ endlini. |
| UJohn ulufune ______ ucingo akangaluthola. |
| Woza ______ . |
| Bahlala ______ kwakithi. |
| Ngihlangane naye ______ |

## Isichasiso - isiphawulo

Kule misho engezansi gcwalisa esikhaleni osinikeziwe ngesichasiso esifanele. Sikwenzele isibonelo emshweni wokuqala. Khetha kulezi ziphawulo: -ncane, -khulu, -hle, -bi.

| |
|---|
| **Ilanda yinyoni emhlophe.** |
| Angisithenganga isinkwa ngoba bengiphethe imali e- ______ . |
| Indlovu yisilwane esi- ______ kunazo zonke esiqiwini. |
| Ipigogo inamabala ama- ______ ikakhulu esisileni. |
| Namuhla abafana aba- ______ bazodlala ibhola lezinyawo. |
| Ungawaphuzi amanzi ama- ______ . |
| Iqaqa linephunga eli- ______ . |



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 98 2019/07/21 21:48:58

Usuku:

# Isichasiso - isibaluli

Masibhale

Kule misho engezansi gcwalisa ngesibaluli esikhaleni osinikeziwe. Sikwenzele isibonelo emshweni wokuqala. Khetha kulezi zibaluli: -qotho, -qatha, -banzi, -hambayo, -mnyama, -de.

| |
|---|
| **Besihamba endleleni ebanzi.** |
| Izimuzimu yindoda e-__________ yasezinganekwaneni. |
| I-Amazon wumfula waseMelika o-__________ . |
| Igwababa eli-__________ lindizela phansi. |
| Ngifunda nabafana aba-__________ esikoleni. |
| Ayinqamuki kalula intambo e-__________. |
| Izinhlanzi zithanda amanzi a-__________. |

## Isichasiso

Qedela imisho elandelayo, ukhethe kumabinzana owanikiwe.

unenja elumayo | amanzi ashisayo | ngosuku olumakhaza | inyama eningi | kunomoya onamandla | ingubo efudumalayo | unyaka onokudla

| |
|---|
| 1 Ngicishe ngathinta __________, bengizosha. |
| 2 USipho __________ kodwa ayikhonkothi. |
| 3 Asibanga sihle isivuno esidlule, kodwa lona __________. |
| 4 Akulungile ukudla __________ kakhulu. |
| 5 Ungagezi ngamanzi abandayo __________. |
| 6 Kundize othayela kade __________. |
| 7 Ngizothenga __________ ngalobu busika. |

KUTHISHA: Sayina ________ Usuku ________



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 99 2019/07/21 21:49:00


# Bhala indaba





Masibhale

Hlela ukubhala indaba yakho.



*Izokhuluma ngani?*

*Kuzoba ngobani abalingiswa bakho abasemqoka?*

*Iyiphi imininingwane ozoyinikeza?*

| NGIYAKWAZI | Y | C |
|---|---|---|
| ukufunda udaba lwephephandaba. | | |
| ukufunda udaba. | | |
| ukuphinda ngixoxe indaba ilandelane kahle. | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekiswe ephephandabeni. | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekiswe endabeni. | | |
| ukubhala idayari. | | |
| ukubhala inkondlo. | | |
| ukubhala isiphetho sendaba. | | |
| ukubhala, ngihlole amaphutha bese ngibukeza indaba. | | |
| ukwenza inhlolovo. | | |
| ukuchaza abalingiswa. | | |
| ukuhlukanisa amagama ngamalunga. | | |
| ukukhomba izandiso zendawo nezesikhathi. | | |
| ukukhomba izenzo. | | |
| ukuqondanisa amagama angomqondophika. | | |
| ukuqondanisa amagama angomqondofana. | | |
| ukulungiselela ukubhala incwadi yokubhalelana. | | |
| ukulungiselela ukubhala indaba. | | |
| ukulungiselela ukubhala idayari. | | |
| ukubikezela udaba lwephephandaba ngisebenzisa izithombe nezihloko. | | |
| ukulingisa isiphetho sendaba. | | |
| ukwedlulisa amehlo endabeni noma odabeni lwephephandaba. | | |
| ukuqonda incazelo yezihloko zephephandaba. | | |
| ukusebenzisa izandiso zokuqhathanisa. | | |
| ukusebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho. | | |
| ukusebenzisa inkulumongqo. | | |
| ukusebenzisa amabinzana ebizo. | | |
| ukusebenzisa amabinzana anesenzo. | | |
| ukukhetha izenzo ezifanele emishweni. | | |
| ukusebenzisa izenzo ezithile engizinikiwe emishweni. | | |

Yenza ibhuku lakho ngokutholakala ekhasini 101–102. Ekhaveni bhala isihloko sencwadi. Bhala igama lakho ngezansi kwesihloko, ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe ekhaveni. Bhala manje indaba yakho ibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho.



ZULU HomeL Gr4 B2 TH7.indd 100 2019/07/21 21:49:08

# Okuqukethwe

## Indikimba 8: Abantu, izindawo nezinkondlo




**Ithemu 4: Amasonto 5 – 6**
**Ukuqala esikoleni esisha**

**113 Ikhempu yezingane** 104
Ufunda isikhangiso.
Uxoxa ngemibuzo emayelana nesikhangiso.

**114 Ukucabanga ngesikhangiso** 106
Ubhala izimpendulo zemibuzo ebhekiswe esikhangisweni.
Ukhomba izenzo nezandiso.
Uhlela izandiso ngamagama athi: kanjani, nini, kuphi.
Ukhomba isenzo esifanele kulezo azinikiwe.

**115 Hlela ukuzenzela esakho isikhangiso** 108
Uqedela ibalazwe lemibono lokwenza iphosta yohambo lwesikole ngezihloko azinikeziwe.
Wenza iphosta esebenzisa amanothi asebalazweni lemibono.

**116 Izitatimende, imibuzo nezibabazo** 110
Ukhomba izichasiso namabizo.
Ufaka izimpawu ezifanele emishweni.
Ukhomba izenzo nezandiso.

**117 Izilwane zasendle** 112
Ufunda ulwazi ngezilwane.
Uphendula imibuzo ngethebhula elibhekiswe olwazini lwezilwane zasendle.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Uxoxa ngamaqiniso awafunde ngezilwane.

**118 Dweba iphamfulethi** 114
Uqedela uhlelo lokwenza iphamfulethi ngezilwane.
Usika amakhasi akhe iphamfulethi, abhale imininingwane ngokucophelela.

**119 Ikhasi lephamfulethi** 115

**Ithemu 4: Amasonto 7 – 8**
**Abantwana bafana nathi**

**120 Sibheka ulimi** 117
Ukhomba izenzo ezisenkathini edlule neyamanje.

**121 Umfana owenqaba ukufunda** 118
Ufunda umdlalo weshashalazi esebenzisa abadlali nomlandi.

**122 Ukucabanga ngomdlalo** 120
Uxoxa ngomdlalo weshashalazi nemibuzo yawo.
Ubhala izimpendulo zemibuzo mayelana nomdlalo weshashalazi.
Ukhetha izigcawu ezimbili zomdlalo weshashalazi akhombe umlingiswa ongummeleli.
Ukhomba omqondofana.
Ubhala izifinyezo.
Ukhomba izichasiso.
Ubhala incazelo ngokuziphatha kwabadlali ababili.

**123 Ukubhala umdlalo weshashalazi** 122
Uqedela uhlaka lwento ezobhalwa mayelana nomdlalo weshashalazi kulandelwa izihlokwana ezinikeziwe.
Ubhala umdlalo weshashalazi ngokucophelela ewususela ohlakeni.

**124 Abadlali bomdlalo** 124
Usebenzisa ufanamsindo ukwakha amagama abadlali emdlalweni wabo.
Wakha amagama esebenzisa ifuzamsindo.
Wenza iphosta ukukhangisa ngomdlalo weshashalazi owenziwe yibo.
Uhlola amaphosta abanye abafundi bese ekhetha eyodwa.


**125 Intokazi yezimanga** 126
Ufunda umdlalo weshashalazi.
Uxoxa ngendaba.

**126 Sicabanga ngendaba** 128
Ulingisa umdlalo.
Uphendula imibuzo ebhekiswe emdlalweni weshashalazi.
Ukhomba amabinzana azimele.
Uqedela izifaniso.


Wena ubalulekile 130













ZULU HomeL Gr4 B2 TH8.indd 103 2019/07/21 21:43:19



Masifunde

# IKIDDY CAMP esezingeni eliphezulu eNingizimu Afrika





Ikhempu ebizwa ngeSuper Kids Holiday Camp inosuku lapho ihlinzeka khona ngezinto ezenziwayo eziningi zabantwana abaseminyakeni eyi-8 kuya kweli-12. Bhalisela amaholidi asehlobo khona manje ukuze ube neholidi elithokozisayo endaweni yezilwane. Uzonakekelwa yiqembu labantu abazoqinisekisa ukuthi unakekelwe kahle futhi uzokuba nesikhathi esimnandi sokuzithokozisa.

Uzozithokozisa ngemidlalo yethu emisha, uthole abangani abasha, ubone izilwane ezintsha ubhukude nasedamini lethu elisha! Okusemqoka kakhulu ukuthi uzokuba nesikhathi esimnandi kakhulu! Abazali bakho abazukukhathazeka ngoba uzobe unakekelwe futhi uzithokozisa!





ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 104 2019/07/21 21:45:26


Usuku:

# ZITHOKOZISE





Umlilo wekhempu




Ukuhamba ebusuku



Imidlalo



Ukugxuma eshubhini elikhulu elifuthiwe



Ukubona izilwane zasendle



Ukuyobuka izinyoni



Umsebenzi wezandla namaciko



Ukubhukuda

## IKIDDY CAMP YODUMO!

**Sinikeza abantwana ithuba eliyisimanga, abasoze bakubekezelela ukungaphindeli!**

Shayela abakwaKiddy Camp kule nombolo 20121 212

Inani: R300

Izinsuku: uMsombuluko kuya koLwesihlanu esontweni elilodwa lamaholidi.

Woza nezimpahla zakho zokubhukuda.



Masikhulume

Bhekisisa lesi sikhangiso bese uxoxa nomngani wakho ngokulandelayo.

- Yini eyenziwa umbhali ukuheha abafundi?
- Yiziphi izihloko ezibhalwe ngokugqamile nangombala?
- Zingaki izimpawu zesibabazo ezitholakala kulesi sikhangiso?
- Kungani ucabanga ukuthi isikhangiso sinezithombe eziningi?
- Ucabanga ukuthi isikhangiso sibhekiswe kubani? Ungafaka uphawu ngaphezulu kwebhokisi elilodwa. Nikeza isizathu sokufaka uphawu lwakho ebhokisini.

| Abafana | Amantombazana | Iminyaka emi-4 kuya kweyi-7 | Iminyaka eyi-8 kuya kweyi-12 | Abantu abadala | Intsha |
|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | |

# Ukucabanga ngesikhangiso






Bheka isikhangiso esisekhasini eledlule bese ubhala izimpendulo zemibuzo elandelayo.

| |
|---|
| Sikhangisa ngani? |
| |
| Sibhekiswe kubani isikhangiso? |
| |
| Kusho ukuthini ukuthi "Okufanele wonke umuntu"? |
| |
| Ungaya ekhempini ngempelasonto? |
| |
| Ngumuntu onjani "omnkantshubomvu"? |
| |
| Bhala uhlu lwemidlalo ozoyijabulela uma uya ekhempini. |

| | | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |

| |
|---|
| Iqonde ukuthini imiyalezo elandelayo? |
| **IKIDDY CAMP YODUMO!** Sinikeza abantwana ithuba eliyisimanga, abasoze bakubekezelela ukungaphindeli! |
| Yini ukunakekelwa? |
| |
| Yini ezonikeza abazali bakho ukuthula uma usekhempini? |
| |
| |

| | | |
|---|---|---|
| | | |



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 106 2019/07/21 21:44:02

Usuku:

# Izenzo nezandiso





Masibhale

Dwebela izenzo ezisemishweni elandelayo. Bese ukokelezela zonke izandiso ezichaza izenzo. Uma usukwenzile lokho, ubhale phansi izandiso emabhokisini afanele.

Isandiso sichaza isenzo. Sisitshela ukuthi isenzo leso senzeke kanjani, nini, kuphi.

| |
|---|
| Ingane yakhala kakhulu. |
| Umfana wagijima ngejubane. |
| Inyamazane yagxuma kakhulu. |
| Sidlala ibhola ngaphandle. |
| Ukhahlele ibhola laya phezulu. |
| Inja yalala ngaphandle. |
| Izolo linile. |
| Ngizobhukuda kusasa. |
| Izolo bekulusuku lwami lokuzalwa. |

















Manje gcwalisa izandiso ozidwebele ngaphansi kwezihloko ezifanele.

| Kanjani | Kuphi | Nini |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| | | |




Masibhale

Kokelezela isenzo esifanele emishweni elandelayo.

| |
|---|
| Ngizoya/ngisoya eKruger National Park. |
| Ufika emva/emmva kwesikhathi esikoleni. |
| Abazingeli babulali/babulale ubhejane. |
| Izindlovu ziphusa/ziphuza amanzi. |
| Ubethatha/ubethwatha izithombe zezilwane zasendle. |
| Thina senza/siyenza ibanga lesi-4. |













ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 107 2019/07/21 21:44:16

# Hlela ukuzenzela esakho isikhangiso





Masibhale

Sebenza nomngani wakho. Hlela ukwakha iphosta yokukhangisa ngohambo lwesikole.

**1** Uyaphi?

______________________________

______________________________

______________________________

**2** Lunini uhambo? Lusuka _______ luya _________

______________________________

______________________________

______________________________

**3** Uzobonani?

______________________________

______________________________

______________________________

**4** Luzokuba yimalini?

______________________________

______________________________

______________________________

**5** Ubani ongahamba?

______________________________

______________________________

______________________________

**6** Kufanele beze nani?

______________________________

______________________________

______________________________

## Amasu okwenza iphosta

- Yenza iphosta yakho ibe nkulu ngokwanele.
- Bhala ngamagama amakhulu ngokwanele ukuze abantu bakwazi ukuyifunda kalula.
- Sebenzisa imisho elula necacile ukuyifunda.
- Ungazifaki izithombe eziningi kuphosta yakho.
- Ufake indawo, usuku kanye nesikhathi.
- Nikeza inkulumo yakho isihloko.
- Sebenzisa imibala eyehlukene ukuze iphosta yakho ihehe abantu.



ZULU HomeL Gr4 B2 TTS.indd 108 2019/07/21 21:44:29

**Ungaphambanisi izichasiso nezandiso. Khumbula.**

- Isichasiso sichaza ibizo. Sinikeza ulwazi ngomuntu, ngendawo noma ngento.
- Isandiso sichaza kabanzi ngesenzo. Sinikeza imininingwane ngokwenzekile, njengokuthi kwenzeke kanjani, nini nokuthi isehlakalo senzeke kuphi.





Dwebela izichasiso emshweni ngamunye kulena, bese ukokelezela amabizo eziwachazayo.

| |
|---|
| Uzobona isibhakabhaka esihle esinezinkanyezi ezibenyezelayo. |
| Bhukuda emanzini abandayo kuleli langa lasehlobo elishisayo. |
| Gxumela olwandle oluluhlaza ubone unqenqema oluhle lwamatshe. |
| Woza nezibonakude zakho ubone amaphuphu amancane ezidlekeni zawo. |
| Thola abangani abasha nidlale eshubhini elikhulu elifuthwayo. |
| Bona izihlahla ezinde nezinkawu ezigangile. |
| Hamba eduze nemifula egobhozayo uzwe nomoya opholile. |
| Yidla ukudla okwehla esiphundu wose kube njeya. |

- *Yonke imisho iqala ngofeleba.*
- *Umbuzo uphethwa ngophawu lombuzo.*
- *Isitatimende noma umyalelo uphethwa ngongqi.*
- *Isibabazo siphethwa ngophawu lwesibabazo.*

## Izimpawu






Funda imisho elandelayo. Manje phinda uyibhale usebenzise izimpawu zokuloba ezifanele.

| |
|---|
| mana irobhothi libomvu |
| |
| ngilambile |
| |
| Uyaya yini ekhempini yesikole |
| |



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 110 2019/07/21 21:44:54

Usuku:

| |
|---|
| ungeqi umgwaqo phambi kweloli |
| |
| ungadlaleli eduze komfula |
| |
| elikabani leli jezi |
| |
| maye, bheka nanti ibhubesi elikhulu |
| |
| upeter nosam baye olwandle ngojulayi |
| |
| ingabe uyile yini eholidini |
| |
| ngiye esitolo ngathenga amaswidi, amashipsi nama-aphula |
| |
| hlanganisa amaqanda noshukela bese wengeza ngobisi |
| |
| ngiye esiqiwini ngabona amabhubesi, izingwe, izinkawu kanye nemvubu |
| |



**Masibhale** Dwebela izandiso emushweni ngamunye, bese ukokelezela isenzo esichazwayo.

| | |
|---|---|
| Sigibela ibhasi ngokukhulu ukujabula. | Sahlala ngokuthula empophomeni. |
| Izinkanyezi ziyakhazimula esibhakabhakeni. | Inyamazane yadlula igijima njengonyazi endleleni. |
| Sacula ngokujabula ngenkathi sigibela. | Samemeza ngenkulu injabulo uma sibona ibhubesi. |
| Sashaya ngonyawo lonwabu epaki. | Iloli lasidlula ligijima ngesivinini ezikhulu. |

KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 111 2019/07/21 21:45:03

117

# Izilwane zasendle






## IBHUBESI

Amabhubesi awumndeni wamakati. Ibhubesi livame ukubizwa ngenkosi yezilwane. Amabhubesi azingela abulale izilwane ezifana nezinyamazane namadube. Izinsikazi yizona ezenza umsebenzi wokuzingela. Zivame ukuzingela ebusuku ngamaqembu. Amabhubesi athanda ukuhlala ezindaweni ezivulekile ezinotshani. Ahlala ngemihlambi nangamaqembu.



## INDLOVU

Indlovu yisilwane esikhulu kunazo zonke ezweni. Izindlovu zihlala ezindaweni ezivulekile ezinotshani. Zisengcupheni njalo ngoba zizingelwa yizigebengu ezifuna izimpondo zazo. Izimpondo zendlovu zihlale zikhula njalo. Indlovu isebenzisa umboko ukudla utshani, izimpande, izithelo kanye nokuphuza amanzi. Idla ukudla okungaba yisisindo esingama-200 kg, futhi iphuze amanzi ayi-190 amalitha.



## UBHEJANE


Obhejane bavame ukuhlala ezindaweni ezinotshani. Baphila ngokudla utshani kanye nezitshalo. Bathanda ukuphuza amanzi kabili ngosuku uma ekhona, kodwa uma kunesomiso bayakwazi ukuhlala izinsuku ezine kuya kweziyisihlanu bengawaphuzi amanzi. Kunezinhlobo ezimbili zikabhejane – kukhona omnyama nomhlophe. Kodwa lokhu akusho ukuthi bamnyama noma bamhlophe ngokugcwele: bathanda ukuba nsundu. Obhejane ababoni kahle, kodwa banezinzwa ezibukhali zokuhogela. Bakhulu-ke futhi imizimba yabo ibanzi. Banesisindo esingaba ngamakhilogremu ayizi-2 500. Nabo bavame ukuzingelwa yizigebengu ezifuna izimpondo zabo. Kufanele sibavikele kulezi zigebengu.



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 112 2019/07/21 21:45:41




Phinda ufunde iziqephu ezibhalwe ngezilwane ezintathu, bese ugcwalisa ithebhula elilandelayo.



| Zidlani | | |
|---|---|---|
| Amabhubesi | Izindlovu | Obhejane |
| | | |
| | | |
| | | |

| Zihlala kuphi? | | |
|---|---|---|
| Amabhubesi | Izindlovu | Obhejane |
| | | |
| | | |
| | | |

| Kungani lezi zilwane zisengcupheni? | |
|---|---|
| Amabhubesi | Izindlovu |
| | |
| | |
| | |

Dweba umugqa ukuqondanisa la magama nezincazelo zawo.

| | |
|---|---|
| ukushabalala | iqoqo |
| ukuphangalala | indawo yezilwane |
| isiqiwu | ukufa |
| umhlambi | ukuphela |




Xoxela umngani wakho ngamaphuzu amabili owafunde ngesilwane ngasinye kulezi ezintathu.

# Dweba iphamfulethi






Manje uzodweba eyakho iphosta enezilwane. Sebenzisa iphamfulethi yohlelo olulandelayo ukuze ikusize. Ingaphambili lekhasi lakho kufanele libe nesithombe esihehayo kubafundi. Futhi kufanele libe nesihloko esihehayo, libe nemilayezo nesigqi esifana nesilandelayo – isibonelo, "Hlenga ubhejane!" Dweba isithombe ekhasini ngalinye ukutshengisa imibono yakho. Ngemuva kwekhasi, bhala igama lakho nenombolo yakho yocingo ngoba nguwena umdwebi wephamfulethi.

| | | |
|---|---|---|
| 3 | 2 Imininingwane yesilwane. | 1<br><br>Ingaphambili lekhasi. |
| 6 Ukuvikela isilwane. | 5 Sikhulu kangakanani isilwane? Iyini imikhuba yaso? Sidlani? | 4 Abantu bangasibonaphi isilwane? |




Sika ikhasi elilandelayo uligoqe wenze umfanekiso ka-Z. Sebenzisa umzamo wokuqala ukuqedela iphamfulethi yakho.



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 114 2019/07/21 21:45:59




Dwebela izenzo kule misho. Yisho ukuthi zisenkathini edlule noma yamanje yini.

| | Inkathi |
|---|---|
| Uhambile waya esikoleni. | |
| Uhambile waya kudokotela. | |
| Bayahamba baya esontweni. | |
| Udlala ibhola lomnqakiswano. | |
| Ngikudlile ukudla kwasekuseni. | |
| Uphuthuma ibhasi. | |
| Wayiphuza ijusi. | |
| Babuka izindaba. | |
| Ngandizisa ikhayithi yami. | |
| Ugeza amazinyo. | |
| Upha ikati ukudla. | |
| Inja isukela umuntu weposi. | |






KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr1 B2 THS.indd 117 2019/07/21 21:47:34

# Umfana owenqaba ukufunda






Funda lo mdlalo neqembu uphimisele. Nizodinga abadlali abayisithupha: uStefanu, uSam, u-Ann, uJabu kanye noMnu Brown. Uzodinga umlandi futhi ozofunda izingxenye ezingenakushiwo ngabadlali.

*Imiyalelo yesigcawu (okuchaza ukuthi abadlali kumele bazenze kanjani izinto) ikubakaki abayizikwele. Ivame ukuba senkathini yamanje.*

[ISIGCAWU 1: Kusekilasini likaMnu Brown. Bonke abantwana, ngaphandle kukaStefanu, basebenza ngokuthula. Badweba amabalazwe benza namanothi. UStefanu uhlezi edeskini elingaphambili, udlala umdlalo wakhe awubiza ngoNintendo.]

**Umlandi:** UMnu Brown ufundisa amakilasi angena uma kuphuma isikole, ufundisa abafundi abafuna izifundo ezengeziwe ukulungiselela ukuhlolwa kokuphela konyaka. Ikilasi lizikhethela lona ukufundiswa bese kuthi uMnu Brown asize ngokufundisa izingxenye zezifundo abangazizwa kahle abafundi.



**Stefanu:** [Uyaqalaza ubuka ezinye izingane.] Kungani nonke nisebenza? Ngubani engizodlala naye? Woza Nintendo! Bona umdlalo omusha engiwuthengelwe ngumama ngoMgqibelo. Yini ungavele uyeke ukusebenza sizodlala?

**Ann:** Cha ngiyabonga, ngiyasebenza. Isivivinyo siqala ngesonto elizayo, kanti ngifuna ukufunda ukuze ngiphumelele. Nawe kufanele wenze njalo, Stefanu.

**Stefanu:** We, cha mina angikhathazeki. Isivivinyo sisekude kabi, kunesikhathi eside kabi sokufunda. Woza Sam sidlale.

**Sam:** Angikwazi ukudlala, ngifundela isivivinyo.

**Stefanu:** Musa ukuzenza ohlakaniphile. Jabu woza uzodlala.

**Jabu:** Hhayi manje, Stefanu. Ngizama ukuzilungiselela isivivinyo samakhono empilo esingoLwesihlanu ngesonto elizayo.

**Stefanu:** Kungani abangani bami bengethembekile? Ningabangani abanjani nina? Phamela, wena unekhono emidlalweni, awufuni yini ukudlala?

**Phamela:** Cha Stefanu, hhayi namuhla. Uma ungafundi uzofeyila.

**Mnu Brown:** Wena Stefanu, uma ungafuni ukufunda, kungcono uhambe uhlale ngaphansi kwesihlahla nemidlalo yakho. Musa ukuphazamisa ezinye izingane.



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 118 2019/07/21 21:47:48

**Umlandi:** UStefanu ukhetha ukuphuma eklasini. Uhamba nesikhwama sakhe nejezi uyohlala ngaphansi kwesihlahla. Uyacula udlala imidlalo yakhe. Unesikhathi esimnandi, ubona ukuthi abangani bakhe abacabangi, balibele ukusebenzela ukuhlolwa okusasele amasonto amabili kufike.





[ISIGCAWU 2: Mhla kuzosa kubhalwe ukuhlolwa, uStefanu ungena ethukile ekilasini lokutadishela. Uqala ngokufunafuna okuthile esikhwameni.]

**Stefanu:** Ngicela usizo. Ngi…ngi… ngidinga ukufunda njengoba sizobhala kusasa. Ngilahlekelwe yincwadi. E, mhlawumbe ingaphansi kwedeski lami. [Ufuna ngaphansi kwedeski.] Cha, ilahlekile le ncwadi.

[Ushayisa ngekhanda edeskini.] Maye! Ubani ozongiboleka incwadi yakhe?

**Sam:** Cha, Stefanu, kuphele amasonto amabili udlala wena, manje ufuna ukuzilungiselela ukuhlolwa ngosuku olulodwa? Awazi yini ukuthi kunesikhathi sokudlala nesikhathi sokufunda?

**Ann:** Nansi, Stefanu, ungasebenzisa nebalazwe lami lemibono. Yiza ngikukhombise ukuthi lisebenza kanjani.

**Stefanu:** [Uyakhala] Hhe...e! Hhe…e! Ngeke ngisakwazi ukufaka yonke le nto ekhanda. Ngingazifunda kanjani zonke lezi zinto ngosuku nje? Ngizofeyila!

**Ann:** Bakithi, musa ukukhala. Ngizokusiza.

**Mnu Brown:** Kahle, Stefanu. Ngokulandelayo uzokwazi ukuqala ukufundela ukuhlolwa kusenesikhathi. Jabu ninoSam, sizani uStefanu ngamanothi enu.

**Stefanu:** [Enikina ikhanda] Hi! Ngeke kusasiza lutho. Ngeke ngisakwazi kwenza lutho. Bekungafanele ngilibale ukudlala ngenkathi nonke nisebenza.

**Umlandi:** Ngethemu elandelayo uStefanu wafunda ngokuzimisela. Wenza umsebenzi wesikole wasekhaya zonke izinsuku. Wenza awakhe amabalazwe emibono. Ufunde isifundo. Uyazi manje ukuthi "kunesikhathi sokufunda nesikhathi sokudlala".

# Ukucabanga ngomdlalo






Masibhale

Funda umdlalo futhi bese uphendula imibuzo elandelayo. Xoxa neqembu lakho ngaphambi kokubhala izimpendulo phansi.

| |
|---|
| Uthini umyalezo walo mdlalo? Tomula umusho osemdlalweni ositshela kabanzi ngalokhu. |
| |
| Ngubani umdlali ongummeleli? |
| |
| Kusho ukuthini ukuthi ikilasi "lalizikhethela" ukufundiswa? |
| |
| Sazi kanjani ukuthi uStefanu wafunda isifundo? |
| |
| Ngabe le ndaba iyafana nezinye ozaziyo? |
| |
| Uyayikhumbula indaba yentethe nezintuthwane? Uma uyikhumbula, ungasho ukuthi lezi zindaba zifana kanjani? |
| |
| |

Masenze

Dweba umlingiswa ongummeleli ekhombisa akwenzayo emdlalweni.



| |
|---|
| Isigcawu 1 |

Sisebenza ngamagama

Thola amagama emdlalweni weshashalazi asho okufanayo nalawa, wabhale phansi ezikhaleni ozinikeziwe.

| | | | |
|---|---|---|---|
| funa | | fola | |
| nyamalala | | jabula | |




ZULU HomeL Gr4 B2 TH8.indd 120 2019/07/21 21:47:49

# Ukubhala umdlalo weshashalazi






Uzobhala umdlalo nabangani bakho abaseqenjini. Qedelani leli shadi, lizonisiza ukuzilungiselela. Bhalani umdlalo ube umzamo wokuqala. Cela abangani bakho ukuthi bawubheke umdlalo. Cela abanye abangani bafunde amazwi abadlali abehlukahlukene. Ekugcineni, uma sewulungise wonke amaphutha, bhala umdlalo wakho ngobunono ekhasini elilandelayo.



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



Isihloko

1 Obani abalingiswa abahlukahlukene?

2 Baziphatha kanjani laba balingiswa?


3 Yenzeka nini le ndaba?

4 Yiziphi iziqephu zomdlalo futhi zenzeka nini?

Chaza isakhiwo somdlalo.

| |
|---|
| Okukuqala |
| Bese |
| Emva kwalokho |
| Ekugcineni |







ZULU HomeL Gr4 B2 TTS.indd 122 2019/07/21 21:48:19

## UFANAMSINDO

Sivame ukunika abadlali bomdlalo weshashalazi noma wefilimu amagama anezinhlamvu ezifanayo. Kwenye inkathi amagama ayahlekisa. Uma siphinda uhlamvu lokuqala sisebenzisa ufanamsindo. Bheka la magama ubone ukuthi uhlamvu lokuqala luphindwe kanjani.

- uQhude isiqhwaga
- uPhila iphoshophosho
- uNomsa oneconsi
- UCele ocelayo njalo
- uJabulani ohlala ejabule
- uFana ofana nesilwane
- uVusi ovikayo endukwini
- uPhatha ongaziphethe kahle
- uJuba liyajubalala



Masibhale

Sebenzisa ufanamsindo ukwenza amagama abalingiswa emdlalweni wakho weshashalazi.

## IFUZAMSINDO

Buyela manje ekhasini lokufunda 120 udwebele imisindo ephindaphindekayo emagameni wonke. Uma sisebenzisa imisindo eveza ubunjalo bomsindo esiwuchazayo, sikubiza ngefuzamsindo lokhu. Yigama elikhulu leli elisho nje ukusebenzisa izinhlamvu ezisho ukuthi umsindo esikhuluma ngawo unjani. Isimbambamba, sishiwo uma umshayisibhakela eshaya imbangi yakhe ngokuphindaphindiwe. Ubutsiyotsiyo yigama esilisebenzisa ukuveza umsindo wechwane lenkukhu noma lenyoni.



Masibhale

Funda imisindo elandelayo bese udweba isithombe esibonisa umsindo ngamunye.

Isibonelo

chapha chapha



gabadu gabadu

tshobe tshobe

HWASHA HWASHA



ZULU HomeL Gr4 B2 TH8.indd 124 2019/07/21 21:48:55

# Ukukhangisa ngomdlalo wakho



Masibhale

Dweba iphosta yokukhangisa ngomdlalo wakho.

Sebenzisa ufanamsindo emagameni abadlali bakho. Sebenzisa ifuzamsindo ukudonsa amehlo ezibukeli.

Amacebo okwakha iphosta
- Sebenzisa ulimi olucacile
- Sebenzisa ubukhulu obungafani bezinhlamvu emagameni, emabinzeni kanye nasemishweni.
-Sebenzisa imibalabala ukuheha abafundi bephosta yakho.
Dweba futhi unamathisele izithombe ukwazisa abantu ngemininingwane yomdlalo.

- Isihloko somdlalo masibe sikhulu, sibhalwe ngokugqamile, sibe nezinhlamvu ezimibalabala.
- Ubani olingisa kulo mdlalo
- Uzodlalelwa kuphi
- Izinsuku nesikhathi sokudlala
- Incazelo efingqiwe yomdlalo
- Imininingwane yokubhalisa

Bheka amaphosta adwetshe ngabangani bakho bese ukhetha oyithanda kakhulu.

KUTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 125 2019/07/21 21:48:58

# Intokazi yezimanga








[ISIGCAWU 1: Epaki eduze nomfula. Kunetafula ngaphansi kwesihlahla. Isihlahla sihlotshiswe ngamabhaluni nokunye. Kunekhekhe elikhulu eliphinki phezu kwetafula.]



Umlandi: Wumcimbi wosuku lukaThina lokuzalwa osekungolweshumi nanye. Ezivakashini kukhona uLindi Myeza oneminyaka eyishumi nanye naye. Ugqoke ingubo yomcimbi. Noma efana nawo wonke amantombazana anale minyaka esikoleni, uyiqhawekazi kanti unekhono lokwenza izinto ngesivinini nangobuhlakani obukhulu.

Abantwana: [Bayacula] Usuku olumnandi kuwe, usuku olumnandi kuwe. Usuku olumnandi kuwe Thina, usuku olumnandi kuwe. Hhebhu, hhebhu, hhule!

uThina: Kazi kunani kuzo zonke lezi zipho. Kwaba mnandi-ke! Ngivule siphi kuqala?

uDeda: Vula esivela kimi. Ngikuphe into engiyithandayo.

uThina: O, yimoto iLego. Ngiyabonga, Deda! Nali nebhokisi likapende wokudweba. Wo, ngiyakuthanda ukudweba! Yisikhwama samapensela-ke lesi, ngiyabonga, Ann, wazile ukuthi esami sephukile.

uMariya: Sawubona, Thina. Ungaphoxeki ngephuzile ukufika. Nasi isipho esivela kimi, qagela ukuthi kunani kuso.

uThina: Ngiyezwa yinto ethambile. A, yithedi encane. Wo, yisimanga.

uSam: Hheyi! Yini leyo?

Umlandi: Masinya, esikhaleni nje, kwadlula isela ligqoke okwemboza ubuso, liyagijima. Ladlula lacaphuna zonke izipho labaleka.



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 126 2019/07/21 21:49:03



Izingane: [Kuyamenyezwa] Bambani isela!

Umlandi: Kwaphuma unina kaThina endlini ngelikhulu ijubane.

UMama: Qaphelani, bantwana! Qaphelani ingozi. Wozani lapha.

Inja: Hhawu, hhawu!

uLindi: [Amehlo ayabenyezela nobuso buyashisa.] Ngasuke ngathukuthela.

Umlandi: Kwadlula intombazana yezimanga ezivakashini yandiza yawela umfula. Yalibamba isela. Yabuyisa izipho zonke nekhekhe. Ngenhlanhla kwabekwa kahle phansi konke lokhu. Kwama kahle futhi akwangabheka phansi.

uLindi: [Ebamba izandla zale ndoda ezidonsela ngasemuva.] Cha uzamile, Mnumzane. Ann, biza amaphoyisa!



[ISIGCAWU 2: Kukhala amabhuleki kufika imoto yamaphoyisa.]

Iphoyisa: Nisebenzile, Lindi! Uphindile futhi. Uyiphindile le nto yokulwa nobugebengu.

Umama: Ake uthathe ucezu lwekhekhe, muntu wasemthethweni.



Iphoyisa: Ngizoqala ngokuvalela lesi sigilamkhuba evenini.

Umama: Wo! Olunye usuku lolu! Lindi, awungitshelanga ukuthi unesiphiwo esingaka! Bengithi ngababafana kuphela abangamaqhawe. Nakhu sengibona intombazana encane iba yiqhawe elibabazekayo. Ngiyajabula.

uThina: Ngiyajabula ukuthi ungitholele izipho zami wazibuyisela kimi, Lindi! Masiqhubekeni nomcimbi. Okokuqala, masibongeni uLindi.

Abantwana: (Becula) Suk' olumnandi lobuqhawe kuwe,
Suk' olumnandi lobuqhawe kuwe!
Suk' olumnandi lobuqhawe kuwe Lindi!
Suk' olumnandi lobuqhawe kuwe!





ZULU HomeL Gr1 B2 THS.indd 127 2019/07/21 21:49:09

# Sicabanga ngendaba






Lingisa umdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Ubani umlingiswa oqavile? | |
| Yini ebalulekile ngaye? | |
| Sifundo sini esitholakala kule ndaba? | |

Ukuba nengqondo emfushane ukukholwa ukuthi wonke umuntu ufana nomunye. Uma ucabanga ukuthi amantombazana awanakuba ngamaqhawe, ukholwa ukuthi ayikho intombazana eqinile. Umqondo wakho mfushane. Uma ucabanga ukuthi abafana yibo kuphela abangamaqhawe, unomqondo omfushane, ngoba ukholwa ukuthi abafana abethuswa yilutho.

| |
|---|
| Ucabanga ukuthi ngabe le ndaba iliqiniso? Kungani usho njalo? |
| |
| Yibaphi abanye abalingiswa ocabanga ukuthi bangamaqhawe? Ingabe iningi labo lingamadoda? |
| |
| Ifana kanjani intombazana yezimanga nala maqhawe? |
| |
| Yini eyenziwa uLindi ukukhombisa ukuthi ubuqhawe abuyi ngobulili. |
| |
| |




Bhala iziqephu ezimbili zomdlalo.

| Isigcawu 1 | Isigcawu 2 |
|---|---|
| | |




Chaza isakhiwo.

Okokuqala ______

Bese ______

Emva kwalokho ______

Ekugcineni ______



ZULU HomeL Gr4 B2 THS.indd 128 2019/07/21 21:49:34

Usuku:

Bhala uchaze uLindi.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

## ISIPHAWULO NESIBALULI

**Isiphawulo** yigama elichaza ibizo. Isiphawulo siwela ngaphansi kwesichasiso. Sivame ukusehlukanisa nezinye izichasiso ngokuthi isiphawulo sakheke ngendlela ehlukile kuleyo yesibaluli. Iziqu zesiphawulo Isb.: -de ; -fushane;  -hle; -bi; -ncane; -khulu; -sha; -dala. **Isibaluli** naso yigama elichaza ibizo. Naso sisawela ngaphansi kwesichasiso. Sivame ukusehlukanisa nezinye izichasiso ngokuthi uma siphika sisebenzisa lona lelo gama kanye nezakhi zokuphika. Iziqu zesibaluli Isb.: -qatha >  -ngeqatha; -banzi > -ngebanzi; -qotho > -ngeqotho; -luhlaza > ngeluhlaza; -khulumayo > -ngakhulumiyo.



Masibhale

Bheka lezi zichasiso usho ukuthi isibaluli yini noma yisiphawulo ngokwenza uphawu [✔] esikhaleni esifanele.


| | Isiphawulo | Isibaluli |
|---|---|---|
| elikhulu | | |
| esibanzi | | |
| omusha | | |
| oqatha | | |
| abahle | | |
| obude | | |
| ezingathethiyo | | |

Cabanga noma yini ongathi ifaniswa ngalokhu okulandelayo. Qiniseka ukuthi leyo nto ivamile ukufaniswa kanjalo.






| |
|---|
| 1 Kusinda njenga-___________(itshe) |
| 2 Kunesibindi njenga- _____________ |
| 3 Kutinyela njenga-_____________ |
| 4 Kutotoba njenga- ______________ |
| 5 Kukhululeke njenga- ___________ |
| 6 Kulunge njenga- ____________ |
| 7 Kulambe njenga- ___________ |
| 8 Kuziqhenya njenga- ___________ |

Sivame ukuchaza into ngokuthi sithi ifana nento ethize. Isibonelo, uma umuntu eziqhenya sithi, "uqhenya njengepigogo." Lokhu sithi isifaniso. Sivame ukusebenzisa izilwane uma sifanisa.





ZULU HomeL Gr4 B2 TH8.indd 129 2019/07/21 21:49:43

# Wena ubalulekile. Umzimba wakho wonke ubalulekile. Umzimba wakho ungowakho!

**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**



**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**

**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**

| NGIYAKWAZI MANJE | | |
|---|---|---|
| ukufunda umdlalo weshashalazi. | | |
| ukufunda isikhangiso. | | |
| ukufunda imininingwane yebhrosha/yephamfulethi. | | |
| ukufunda umdlalo weshashalazi ngisebenzisa abadlali nomlandi. | | |
| ukulingisa umdlalo. | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekiswe kubhrosha. | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekiswe esikhangisweni. | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekise emdlalweni weshashalazi. | | |
| ukudizayina ibhrosha. | | |
| ukudizayina iphosta. | | |
| ukuxoxa ngemibuzo emayelana nesikhangiso. | | |
| ukugcwalisa ifomu. | | |
| ukukhomba izichasiso namabizo. | | |
| ukukhomba izichasiso etekisini. | | |
| ukukhomba izandiso zesimo, zesikhathi nezendawo. | | |
| ukukhomba izenzo. | | |
| ukukhomba amabinzana ancikile emishweni. | | |
| ukukhomba ifuzamsindo. | | |
| ukukhomba izifaniso. | | |
| ukukhomba izenzo nezandiso. | | |
| ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo. | | |
| ukuqondanisa amagama nawomqondofana. | | |
| ukufaka izimpawu zokubhala ngokufanele. | | |
| ukusebenzisa isenzo esifanele kwengizinikeziwe. | | |
| ukusebenzisa inkathi edlule neyamanje. | | |
| ukubhala ngichaze abalingiswa. | | |
| ukubhala umdlalo weshashalazi. | | |





ZULU HomeL Gr4 B2 TH8.indd 130 2019/07/21 21:49:54

